# UJEHOVA-JIRA [1]

Asibe lokhu simile umzuzwana sisakhothamisa amakhanda ethu okwezwi lomkhuleko. Njengoba sikhothamisa amakhanda ethu, ngiyazibuza kulobubusuku bangaki abangathanda ukukhunjulwa emkhulekweni, ninokuthile enhliziyweni yenu enifuna uNkulunkulu anenzele yona, phakamisani izandla zenu nje. INkosi iphe lezi zicelo manje njengoba sikhothamisa amakhanda ethu nezinhliziyo zethu phambi kwaYo.

2 Baba wethu waseZulwini, sisondela esiHlalweni saKho sobukhosi soMusa futhi, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu enkulu. SiyaKubonga ngethuba lokuza nesiqiniseko sokuthi Uzozwa bese uphendula lokho esikucelayo. Siyakhuleka, Baba, ukuthi Uzothethelela izono zethu, okungukuthi, ukungakholwa kwethu. Futhi, Baba, siyakhuleka ukuthi Uzosipha ukukholwa, ukukholwa okuningi kulobubusuku. Futhi Uyazi ukuthi bekukhonani emuva kwaso sonke isandla lapho, phansi enhliziyweni. Bebedinga okuthile, Nkosi. Baphakamise isandla sabo ngenhlonipho, belindele okuthile kuWe. Futhi ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, noma ngabe bekuyini, ukuthi kuzophiwa abantu.

3 SiyaKubonga ngokuvakashelwa izolo kusihlwa. Siyakhuleka ukuthi Uzobuyela kithi kulobubusuku ngobuningi obukhulu bamandla nomusa, futhi uzosipha izifiso zenhliziyo yethu, ngokuba, qiniso isifiso sethu ngukwenza iNtando yaKho nokubona iNtando yaKho yenziwa. Futhi siyazi ukuthi iNtando yaKho iphathelene nabagulayo, ukuthi Washaywa imivimbo ngokunqume emhlane waKho ngenxa yokuphiliswa kwethu, "Ngemivimbo yaKhe siphilisiwe thina." Futhi, Baba, siyakhuleka ukuthi—ukuthi iNtando yaKho enkulu izokwenziwa kulobubusuku, ukusipha ukukholwa ukuba sikholwe yilokho, ngobuningi, ukuthi wonke umuntu ogulayo angaphiliswa, futhi wonke umuntu olahlekile angakhumbula ukuthi Walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu. Siphe khona, Nkosi.

4 Kwangathi bangazi ukuthi inqobo nje ku—kunoMhlatshelo onegazi Lapho wabo, izono zabo azinakubonwa nguNkulunkulu. Kepha uma bezofanele bafe ngaphandle kokuvuma esidlangalaleni Lokho nokuKwemukela, nokuzalwa kabusha, bekungeke nhlobo kube nendlela yabo ukuba bake bangene eMbusweni. Futhi kwangathi lobu kungaba ubusuku lapho wonke umuntu ovela ngaphansi kweGazi engathi nyelele ngokushesha ngaphansi kweGazi kulobubusuku, eGameni leNkosi uJesu. Futhi sizoKunika udumo. Amen.

5 Kuyinhlanhla enkulu kakhulu ukuba lapha kulobubusuku nokukhuluma futhi. Futhi izolo kusihlwa sibe nesikhathi esimangalisayo, ukuvakashelwa yiNkosi. Kodwa nginihlalise kwaze kwaba leyithi kakhulu. Angisoze ngakwazi ukukwenza ngesikhathi, ngandlela-thize.

6 Kuthi akube uhlobo cishe lokuthola ilanga eliningi kakhulu namhlanje. Ngangi . . . Indodana yami encane, uJoseph, ubelokhu engilandela ukuba ayobhukuda. Ngakho indawo lapho sihlala khona inechibi elincane, elithi alibiyelwe emuva lapho, futhi wathi, "Woza, uzongibuka, babayi. Ngiyakwazi ukubhukuda."

Ngathi, "Kulungile."

7 Ngehlele ezansi lapho kulokhu ukusa, ngathatha iBhayibheli lami, nokunye . . . ukubhala amanothi athize. Futhi ngenkathi ngisatadisha, u . . . nangu uyafika efake isikhindi sokubhukuda sakhe esincane, wathi, "Ngibuke, babayi, ngiyakwazi ukutshuza!" Awu, uma ngake ngalibona ixoxo ligxumela emanzini! Futhi wavuka, futhi amanzi etshaza ngekhala lakhe nomlomo, wathi, "Ngenze kanjani na?"

Ngathi, "Wenza kahle."

8 Futhi ngivele nje ngacabanga ngesinye isikhathi ngasho into efanayo kubabayi wami. Ichibi elidala elincane, ngaphambi kokuba siye emfuleni, kwakukhona ichibi, futhi thina abantwanyana sasidingeka cishe impela siqhelise emuva imfucumfucu eluhlaza kulo, futhi sasi . . . amanzi ayengengaphezu cishe kwamayintshi ayisithupha ukujula. Futhi ngangilokhu ngitshela ubabayi wami, "Ngiyakwazi ukubhukuda."

9 Ngakho-ke ngelinye iSonto ntambama waphumela lapho. Futhi babe nebhokisi lensipho elincane lihleli lapho. Futhi ngabuyela ezihlahleni futhi ngakhumula izingubo zami, okwakulapho ukuba ngiyikhumule; ukudonsa nje isipikili esisodwa, niyazi. Futhi bangaki abake bakubona okunjalo na? Ngiyabona. Ukugqoka nje ipheya lama-ovaloli, kungekho amasasipenda; kune—intanjana nje yefolishi inqumile, okomchilo nje, bese kuba-ke isipikili nje. Uvele nje udonse isipikili futhi, yilokho kuphela ofanele ukwenze, ugxumele phakathi ngqo. Futhi ngakho ngama kulelibhokisi futhi ngabamba ikhala lami, uyazi, ngathi-pheshe ngasuka ngangena kulelo, futhi udaka lwandizela phezulu cishe *kangako*. Ubabayi wami ehlezi ngaphansi lapho, engibuka. Ngathi, "Ngenza kanjani na?"

10 Wathi, "Phuma lapho futhi uyogeza!" Bengicabanga sekukade kangakanani lokho!

11 Futhi, niyazi, isikhathi nje siyaqhela kithi, akunjalo na? Asinaso nje isikhathi, kubukeka sengathi, nhlobo, ukwenza izinto. Futhi isikhathi asilinde muntu. Ngakho-ke

sifanele sisebenze sisengakwazi, ngoba ihora liyeza lapho lesisizukulwane sizohamba, futhi kuzoba khona esinye isizukulwane esizayo, uma sikhona esinye isizukulwane. Ngeqiniso, ngiyakusho ngayo yonke inhliziyo yami, (angazi ukuthi Uzofika nini; akekho kithi owaziyo), kodwa, ngokweqiniso, angikholwa ukuthi kuzoba nesinye isizukulwane. Ngikholwa ukuthi uKristu uzofika kulesisizukulwane. Angazi ukuthi ngasiphi isikhathi, manje, kungahle kube kulobubusuku noma kungahle kube yiminyaka eyishumi kusukela manje, noma amashumi amabili, kodwa ngiyakholwa Uzoba kulesisizukulwane. Ngiyakukholwa lokho. Uma Engafiki, ngifuna ukuphila nje ngokungathi Ubezofika, empeleni, ngoba ngiyazi ukuthi kungahle kube usuku lwami lokugcina, noma usuku lwakho lokugcina.

12 Futhi khona-ke, khumbula, uma sihamba ngaphambi kokuba Afike, sizoba phezulu futhi eBukhoneni baKhe, noma, sivuswe ngaphambi kokuba abanye baguqulwe. "Icilongo leNkosi liyokhala, abafileyo kuKristu bayovuka kuqala. Khona-ke thina esisekhona sisasele siyakuguqulwa ngesikhashana, ngokuphazima kweso, futhi sihlwithwe kanye nabo, sihlangabeze iNkosi emoyeni." Bukani uhlelo lovuko. Niyabo, uNkulunkulu uyazi ukuthi siyalangazelela ukubona abathandekayo bethu. Futhi uma sifika lapho ukuhlangana naYe kuqala, siyobe siqalaza ukubona ukuthi umama noma ubaba nabo bonke abanye ubekhona yini. Kodwa niyabona ukuthi kanjani, uMoya oNgcwele ekuhlakanipheni kwaKhe na? Siyahlangana kuqala, bese kuthi-ke uma sifika lapho futhi sicule *Umusa Omangalisayo*, yilapho okuyobakhona isikhathi sokukhonza. Ucabanga ukuthi ngiziphatha ngokuhlekisayo manje, ngibuke phezulu Lapho! Kuzoba yisikhathi esimangalisayo kimi nakithi sonke uma sifika Lapho.

13 Manje asifunde okunye okuvela eBhayibhelini elidala elibusisiwe lapha kulobubusuku. Ake siphenye ngale kwabaseRoma, isahluko 4, futhi sifunde ingxenye nje eNcwadini yabaseRoma. Ngifuna ukufunda izindawo ezimbili kulobubusuku, kuGenesise naseNcwadini yabaseRoma. Manje eNcwadini yabaseRoma, isahluko 4, ivesi 17.

> *(Njengokulotshiweyo ukuthi, Ngikumisile ubenguyise wezizwe eziningi,) phambi kwakhe* yena *akholwa nguye, kwalowoNkulunkulu,* ophilisa *kwabafileyo, nobiza okungekho ngokungathi kukhona.*
>
> *Owathi kungekho-themba wakholwa ngethemba, ukuze abe-nguyise wezizwe eziningi; njengalokho* okwalotshwa, *Yoba-njalo inzalo yakho.*
>
> *Engabanga-buthakathaka ekukholweni, kanakanga umzimba wakhe obusufile, eneminyaka engabangeyikhulu ne . . . sizalo sikaSara sifile:*

*Akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa; kodwa waqina ekukholweni, enika uNkulunkulu udumo;*

*Eqinisekile ukuthi lokho, akwethembisile, unamandla nokukwenza.*

*Ngalokho-ke kwabalelwa* kuye *ukuthi kungukulunga.*

*Kepha akulotshwanga ngenxa yakhe yedwa ukuthi kwabalelwa yena;*

*Kodwa nangenxa yethu, esiyakubalelwa khona, thina esikholwa nguye owavusa uJesu iNkosi yethu kwabafileyo;*

*Owanikelwa ngenxa* yesiphambeko *zethu, wavuswa ngenxa yokulungisiswa kwethu.*

14 O, ngikuthanda kanjani Lokho! Lokho ngokunye kokufundwa koMbhalo kwami engikuthandayo kweBhayibheli, ngoba kuqinisile kakhulu kulokho uNkulunkulu ayeyikho, lokho Akwethembisa futhi wafunga ukuthi Uzokwenza. Futhi manje ngikhethe le ndaba ngenxa yokuthi ngicabanga ukuthi kunoma yimuphi umhlangano, ukubona ukukholwa esikubone kusetshenziwa lapha izolo ebusuku, ukuthi akukho-muntu obuthakathaka phakathi kwethu ngaphandle kwalowo ophulukisiwe. Lokho amandla kaNkulunkulu akufikele nalokho Akwenzile! Khona-ke ngicabange, uma singakhela ngasentweni ethile eqinisile, senze i—impumelelo emgomweni, khona-ke kungaba ngokumangalisayo kanjani uma singashaya lobobusuku obukhulu noma ihora lovuthwondaba.

15 Futhi sifanele sikhumbule ukuthi ayikho into engenziwa ngaphandle kokukholwa, futhi kuqala kufanele kuvunywe. Ngokuba Ungu—UngumQalisi wokukholwa, siyakwazi lokho, nokuthi akukho-nto engenziwa ngaphandle kokukholwa. Futhi ngaphandle kokukholwa akunakwenzeka ukuthokozisa uNkulunkulu.

16 Futhi manje UngumPristi oMkhulu wokuvuma kwethu. Manje i—iKing James lapha, eNcwadini yamaHeberu, ikubeka nge “sivumo.” Uku*sho isivumo* noku*vuma* yinto efanayo, ukusho isivumo nokuvuma. *Vuma* kuchaza “ukusho into efanayo”: “Ngemivimbo yaKhe ngiphilisiwe,” niyabo, “Manje ngokuPhila kwaKhe ngisindisiwe.” Futhi manje-ke, kuqala, sifanele sikuvume; futhi Uhlezi njengoMlamuleli, futhi uMlamuleli kuphela phakathi kukaNkulunkulu nomuntu, futhi Uhlezi lapho ukwenza ukunxusela kulokho esivumayo ukuthi Ukwenzile. Ephelele kanjani—kanjani, into eqine kanje pho!

17 Futhi manje ngifuna ukufunda omunye umBhalo, otholakala ngale eNcwadini ka—kaGenesise, isahluko 22, futhi asiqale ukufunda lapha cishe ivesi 7.

> *Futhi uIsaka wakhuluma kuAbrahama uyise, wayesethi, Baba wami: wayesethi yena, Ngilapha, ndodana yami. Wayesethi, Bheka nanku umlilo nezinkuni: kepha liphi iwundlu lomnikelo wokushiswa na?*
>
> *Futhi uAbrahama wathi, ndodana yaMi, uNkulunkulu uzakuzibonela imvu yomnikelo: bahamba bobabili kanyekanye.*
>
> *Futhi bafika endaweni uNkulunkulu abemtshele yona; uAbrahama wakha khona ialtare, walungisa izinkuni, wabopha uIsaka indodana yakhe, wambeka ealtare* phezulu *kwe—kwezinkuni.*
>
> *Futhi uAbrahama waselula isandla sakhe, wathatha umese ukuba ahlabe indodana yakhe.*
>
> *Kwase kumemeza kuye ingelosi yeNKOSI isezulwini, yathi, Abrahama, Abrahama: yena wathi, Ngilapha.*
>
> *Yayisithi, Ungabeki isandla* sakho *kumfana, ungenzilutho kuye: ngokuba ngiyazi manje ukuthi u—ukuthi uyamesaba uNkulunkulu,* futhi ngiya*ku*bona. . . awuyigodli *eyakho indodana eyodwa yakho.*
>
> *UAbrahama waphakamisa amehlo. . .bheka ngemuva kwakhe yinqama ibhajwe esihlahleni ngezimpondo: futhi uAbrahama waya futhi wayithatha inqama, futhi wanikela ngayo* phezu. . .*phezulu umnikelo wokushiswa* esikhundleni *sendodana yakhe.*
>
> *Futhi uAbrahama waqamba igama* le*ndawo, ngokuthi uJehova-jira: njengalokhu kuthiwa nanamuhla, Entabeni yeNKOSI kuyabonelelwa.*

18 Engifuna ukuthatha indaba lapho, uma kungabizwa ngendaba, *UJehovah-Jira*, igama lichaza ukuthi “INkosi izozibonela Yona uqobo umhlatshelo.” Uma Ingenawo owodwa, Ingahlinzeka owodwa. Ngibonga kakhulu ngalokho. Manje lendaba enkulu! Futhi manje ngifunda lapho, ukuthi “u-Abrahama akangabazanga ngesithembiso ngokungakholwa; kodwa waqina, enika uNkulunkulu udumo.”

19 Manje, u-Abrahama nguye uNkulunkulu enza isivumelwano nesithembiso kuyo; futhi u-Abrahama, hhayi yena kuphela, kodwa neNzalo yakhe emva kwakhe, “U-Abrahama neNzalo yakhe.” Futhi manje khumbulani lokhu manje. Uma sifile kuKristu, siyiNzalo ka-Abrahama uma sizalwa kabusha. Manje, asiqaphele ngempela ngalokhu manje njengoba sifundisisa lesisifundo. Futhi manje uma nizolalelisisa, ngineqiniso uMoya oNgcwele uzonembulela. Nizolibamba ithemba, bese kuthike lizokhanyisa lelidolobha nayo yonke into ezungezile, uma nje sithatha isikhathi sethu futhi sibambe umbono, lokho uMoya oNgcwele ozama ukukufinyelelisa kithi. Manje, u-

Abrahama, wabizwa, ukuthi kwanikezwa isithembiso, ku-Abrahama neNzalo yakhe.

20 Manje kunokuningi kakhulu namhlanje, bangani, okubizwa ngobuKristu, okungesibo ubuKristu.

21 Manje, ngiyakuzonda nje ukusho lokhu. Kodwa ngingaqoka ukuma lapha futhi ngibe ngothandwa kakhulu phakathi kwabantu, futhi—futhi wonke umuntu ekumbambatha emhlane wakho, nayo yonke into kanjalo. Kodwa-ke ngizofanele ngihlangane naleloqembu ekwaHlulelweni, ukuba ngiphendule ngakho. Ngakho-ke ngi—ngifanele ngithembeke.

22 Manje singabuka ngaphezu kwamabandla, naphezu kwezwe namhlanje, phezu kwalokho okubizwa ngobuKristu, futhi sithole ukuthi kuqhele ngamamayela ayisigidi ebuKristwini. Futhi kwabikezelwa eBhayibhelini ukuthi kuzoba ngaleyondlela. Manje abaningi bemukela uKristu ngendlela yokuthi, "Awu, ngiyaMkholwa." Ngani, udeveli ukholwa yinto efanayo. Niyabo? Futhi abaningi babo bazama ukukwemukela phezu kwamadlingozi, uthi, "Awu, ngakhuluma ngezilimi. Ngasina eMoyeni." Ngibabonile abathakathi benza into efanayo, nabadansi bakadeveli e-Afrika; impela, bekhuluma ngezilimi, futhi baphuze igazi ogebhezini lwekhanda lomuntu, futhi babize udeveli. Umama wami uyiNdiya, iNdiya uhhafu, futhi—futhi abantu bakubo. Ngibabonile bethatha ipensela futhi balibeke phansi *kanjalo*, futhi babuke ipensela ligijima futhi libhale ngezilimi ezingaziwa, futhi bona bame lapho futhi bakuhumushe, babize udeveli. Impela. Niyabo, angeke uhambe ngamadlingozi. Uyabo, impilo yakho oyiphilayo iyafakaza lokho oyikho. Niyabo? Akunandaba ukuthi nhloboni yomuzwa, angeke wesekela ubuKristu kunoma yimuphi umuzwa.

23 Ngukuphila! UJesu wathi, "Niyakubazi ngezithelo zabo." Hhayi ngokusho ukuvuma kwabo, hhayi ngalokho abakushoyo. Futhi uJesu futhi wathi, "Usondela kiMi ngezindebe zakho, kepha inhliziyo yakho ikude naMi." Lokho, lokho ukusho ukuvuma kwabo. Niyabo, impilo yakho isho ukuthi kuyini. Futhi uma umuntu ethi uyamkholwa uNkulunkulu, futhi aphike iZwi elilodwa laleliBhayibheli, noma aLiguqule noma kanjani, ngani kuzofanele kube yiphutha.

24 Wena uthi, "Akwenzi mehluko ngalezizinto ezincane." Impela kuyawenza.

25 Igama elilodwa elincane yilokho okwasithatha kwasingenisa kuyo yonke lenkathazo; hhayi ukungaLikholwa, kodwa nje ukuLibeka endaweni engesiyo. U-Eva wavele waba noSathane ukuba aligeje, wavele nje wamnika ukuzindla. Ezansi kwaMfowethu Williams, ngisanda kwedlula ngihamba ngedlula ezansi eSanta Maria. Yileyonto eyasiletha siphuma ensimini yase-Edene, futhi kwabangela yonke ingane egulayo. Njengoba, ngikhulekele ingane enokugongobala ilele lapho, emizuzwaneni

embalwa edlule, ngingena. Yini ebangele lokho na? Ngoba u-Eva akazange angaLikholwa, kodwa wamane nje wathatha ukuzindla, ukuthi kuzoba nengqondo lokhu kuzolunga. Futhi kwabangela konke ukufa, konke ukugula, konke ukudabuka, bonke ubuhlungu benhliziyo. Futhi sizobuyela kanjani emuva phakathi na? Uma kwabangela—uma kwabangela iminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha yalokhu, sizobuyela kanjani emuva nanoma yini ngaphansi kwalo lonke iZwi eliphelele ngendlela eLilotshwe ngayo na?

26 Udeveli wanqoba impi phezu kwesintu ngokuzindla nesintu. Ukuzindla nje, "Ngani, kumele ukuzindla *lokhu* kungaba yikho na? Kumele ukuzindla." Uma ukuzindla kuphambene neZwi, khona-ke ukuzindla kuyiphutha! IZwi liqinisile, ngendlela nje eLilotshwe ngayo! Ungabeki ukuhumusha kwangasese. Lisho nje ngendlela eLilotshwe ngayo, futhi uLikholwe kanjalo. Niyabo? UNkulunkulu uyaLinakekela. Lingendlela nje ebeLifanele libe ngayo, ngakho-ke asiLikholwe nje ngaleyondlela.

27 Manje, yiZwi, lonke iZwi! Lonke . . . UMoya oNgcwele kumuntu; wonke umusho weBhayibheli, uMoya oNgcwele okuwe uzogcizelela ngo "amen," ngoba uMoya oNgcwele waloba iBhayibheli. Futhi uma Ekuwe, Engasho kanjani ukuthi, "Awu, Lokho kwakungokomunye unyaka, Lokho kwakungokwa *lokhu*, noma Lokho kwakungokwa *lokho*"? Engakusho kanjani lokho futhi abe enguMoya oNgcwele kuwe na? Ngeke kwenzeke. Uzofanele athi "amen" kuWo!

28 Manje, njengoba ngasho ngelinye ilanga, into yokuqala uNkulunkulu ayinika abantu baKhe, ukuba baziqinise, kwakuyiZwi. Futhi Akakaze aguquke. Angeke aguquke. Manje, izivumokholo angeke zisebenze, amahlelo angeke asebenze, imfundo angeke isebenze, akukho okwalezizinto, konke okwakho kwehlulekile ngokuphelele futhi kuzohluleka. KuneNto eyodwa kuphela ezosetshenzwa, leyo yiZwi.

29 Futhi indlela eyodwa kuphela esingeza ngayo ngeZwi, ingeGazi. Indawo kuphela lapho noma ubani ake akhonza uNkulunkulu, uzofanele eze ngaphansi kweGazi. Akukho okunye ukulungiselela nhlobo. Angeke uze ngaphansi kwegama leMethodisti, angeke uze ngaphansi kwegama lePentecost, angeke uze ngaphansi kwegama leKatolika. Kunedazini lamabandla eKatolika, ehlukene, ehlukene elinye kwelinye, eloMthetho, nelesiGreki, neleRoma, futhi ahlakazekile nje kabi njengamaProtestani. AmaProtestani, iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iLuthela, iKatolika, o, onke, onke ayizinhlobo ezehlukene. Futhi nanko lapho, niyabo. Kodwa kunenkundla eyodwa yenhlanganyelo, leyo ingaphansi kweGazi! Futhi iGazi lingukuPhila, futhi liyohlala livumelana neZwi, njalo neZwi.

30 Manje, siyazi ukuthi ukuphila kusebulili besilisa, kusegazini, umbala obomvu enhlayiyeni yegazi. Ukwedlula lapho isikhukhukazi singazalela iqanda, kodwa uma singazange sibe nenyoni yeduna, asisoze sachamusela. Impela, alizaleki. Yileyondlela engathola ngayo, ukwenza izitatimende eziningi ezingenanhlonipho, ngisho ukuthi inyoni yesikazi ingazalela isidleke sigcwele amaqanda, futhi ingathembeka kuwo njengoba ifuna ukwenza, ingawafukamela, nangamaphiko ayo, futhi iwaphendule kuyo yonke imizuzu embalwa ukuze azoqiniseka ukuthi azochanyuselwa. Futhi—futhi izolamba kakhulu, futhi izile, ngenkathi isesesidlekeni, ukuba ithembeke kulawomaqanda, ize ibe ngehluphekayo kakhulu ayisakakwazi ukundiza isuke esidlekeni. Uma ibingenayo inyoni yeduna, futhi lawomaqanda ezaleka, azolala ngqo esidlekeni futhi abole uma ibingenaye umata wayo. Kunjalo impela.

31 Futhi lokho kuthi akube ngaleyondlela amabandla eliyitholayo, athathe nje isigejane ngaphansi kokuvuma okuyikho ngegama okubandayo, umdanso othile oyinkinga noma umuzwa othile. Futhi benzani na? Abalikholwa iZwi, size nje sithole isidleke esigcwele amaqanda abolile. Sekuyisikhathi sokuhlanza isidleke nokuqala kabusha futhi. Baze bangene ekuthintaneni noweSilisa, uKristu Jesu, futhi bathole ukuzalwa kabusha kweZwi. Khona-ke bazofanele bachamusele, ngoba kungukuPhila.

32 Esikhathini esithize esedlule ngangidla idina no—nomshumayeli omdala oyiMethodisti, futhi ngezwa i The Agricultural Hour isuka—isuka eLouisville, i4-H Club yayikhuluma, ukuthi “Banomshini ongakhipha uhlamvu lommbila njengoba nje bewutshalile ensimini.” Yathi, “Kuyokwenza uhlobo olufanayo lwezimpephesi zokusanhlamvu, uhlobo olufanayo lwesinkwa sommbila, kwakungokusanhlamvu okufanayo nje. Usikwe kanjalo, ubekwe ngaphansi kokukhanya, uthathwa uyiswa endlini yokusebenzela isayensi; inhliziyo yawo isendaweni elungile, nayo yonke into, futhi umthamo ofanayo womswakama, ikhalsiyamu, ipotashi, noma ngabe yini kokusanhlamvu kubekwe kahle impela.” Yathi, “Uma uke wacaphuna okungagcwala isandla esakeni elatshalwa ensimini, nesaka elenziwa umshini, noma elenziwe, bese uwahlanganisa, ubungeke uwusho umehluko ngeso lakho lemvelo, noma ukusike ukwehlukanise phakathi, noma yiyiphi isayensi engake ithole umehluko. Indlela kuphela ongasho ngayo umehluko ngukuwumbela.” Lokho kuyakusho.

33 Umuntu angahle abukeke njengomKristu, angahle aziphathise okomKristu, angahle azifanise nomKristu. Kodwa ngaphandle uma enembewu yokuPhila phakathi lapho, angeke aphinde avuke; uzofanele abe naleyombewu yokuPhila phakathi lapho, abenokuPhila okuPhakade.

34 Futhi noma yimuphi umuntu ofundisise isiGreki, uyazi lokho ukuthi “Phakade” kuvela egameni elithi *Zoe*, elichaza ukuthi “ukuPhila kukaNkulunkulu uQobo,” lokho okuba yingxenye yaKhe; njengoba uyingxenye kayihlo. Uba yingxenye kaNkulunkulu. Futhi ukuPhila kukaNkulunkulu uQobo kwehlukanisiwe futhi kwafakwa kuwe, futhi aKusoze kwafa, ngoba KuPhakade. Noma yini eqalayo, iyaphela; kodwa aKakaze aqale, ngakho-ke angeke Aphele. UngoPhakade, nawe uPhakade kanye naYe. Angeke usafa njengoba Engeke afe, ngoba uyingxenye yaKhe. Uzalwa nguYe. Amen. Ukuqhubeka nje ngikhulume ngalokho, futhi angisoze ngafinyelela kulesisifundo.

35 O, ngijabula kakhulu ukuba ngumKristu! Ngi—ngi—ngi—ngingethengise ngezindawo kumuntu ezweni, hhayi omongameli, amakhosi. Uma bebenganginika umhlaba wonke, bethi bengingaphila iminyaka eyisigidi; emva kwalokho ngizokufa, emva kweminyaka eyisigidi. Kodwa manje, iminyaka eyisigidi, ngani, angeke ibe yilutho manje, siyaqhubeka nje siphila, akukho ukufa. Ngakho kuhle ukuba ngumKristu!

36 Bengikhuluma ngo-Abrahama! Ake sibuyele emuva. Manje siyiNzalo ka-Abrahama uma sikuKristu. Bese kuthi-ke uma uyiNzalo ka-Abrahama, unokukholwa okufanayo u-Abrahama ayenakho, ngoba kwakungukukholwa kwakhe esikhuluma ngakho. Ikakhulukazi ebandleni manje, yiNzalo yasebukhosini ka-Abrahama. Kwakunezinzalo ezimbili zika-Abrahama. Enye yazo kwakungeyemvelo, u-Isaka; enye kwakunguKristu, isithembiso. Ngakho ngo-Isaka, u-Israyeli wabusiswa; ngoKristu, uba nguyise wezizwe. Niyabo? Ngakho-ke iNzalo yasebukhosini, bekungaba kukhulu kangakanani lokho kunokuba yinzalo yemvelo ka-Abrahama. Ngakho-ke uma ukuKristu, uneNzalo enkulu, enkulu kunaleyo u-Abrahama ayeyiyo, ngoba uza ngeNzalo yasebukhosini, uKristu. Uma nifile kuKristu, khona-ke ningabantwana baka-Abrahama, futhi nineNzalo ka-Abrahama nokukholwa kuka-Abrahama. Futhi ukukholwa kuka-Abrahama kwakuseZwini likaNkulunkulu kungakhathalekile ukuthi kwenzekani. Wabiza lezozinto ezazingekho ngokungathi zazikhona, ngoba uNkulunkulu washo njalo. Isithembiso esinje pho!

37 Manje asibuyele emuva uphisi omncane futhi sesekela imicabango yethu. Asibuyele emuva, ngaphambi kokuba sifike kuJehova-Jira, ku-Abrahama. Asibuyele emuva, sihlehlele emuva kancanyana emBhalweni. Asibuyele emuva esahlukweni 12. Sifundile lapha esahlukweni sama 22. Asibuyele emuva esahlukweni sama 12, isivumelwano esenziwa ku-Abrahama. Manje, isivumelwano, kwakukade kunezintathu . . . izivumelwano ezimbili.

38 Manje, uNkulunkulu upheleliswa kokuthathu. Siyazazi izibalo zikaNkulunkulu. Ukuphelela, kokuthathu; ukukhonza,

kokuyisikhombisa; namashumi nambili; namashumi amane, ukulingwa; amashumi amahlanu, yiJubili; nokunye nokunye, uNkulunkulu kwesaKhe—kwesaKhe isibalo. Manje, uNkulunkulu upheleliswa kokuthathu; njengoYise, iNdodana, uMoya oNgcwele; ukulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele; nokunye nokunye.

39 Manje, kwakudade kunezivumelwano ezimbili. Esinye sazo kwakuyisivumelwano sika-Adamu. UNkulunkulu wenza isivumelwano nendoda, "Uma uzo, Ngizo." Futhi wasephula. Khona-ke uNkulunkulu wenza isivumelwano noNowa; leso kwakuyisivumelwano sikaNowa, futhi sephulwa.

40 Manje Wenza isivumelwano sika-Abrahama. Futhi isivumelwano sika-Abrahama, ngokukaGenesise isahluko 12, sanikezwa ngokungenambandela. Ngakho-ke siPhakade, ngoba asinambandela. Hhayi "Uma uzo, Ngizo." Wathi, "Nginakho! Sengivele ngikwenzile." Hhayi "Ngi*zo*kwenza." "SeNgikwenzile!" Lokho yi, o, lokho, lokho kusekela ukukholwa. Niyabo, hhayi . . . uNkulunkulu uphokophelele ukusindisa umuntu. Wenza isivumelwano, "Uma uzo, Ngizo," wasephula. Esinye, "Uzo, Ngizo," wasephula. Umuntu angeke asigcine isivumelwano sakhe, ngakho uNkulunkulu usindisa umuntu ngomusa waKhe, ngaphansi kwesivumelwano esingenambandela, isivumelwano esingenambandela. O, he! Akupheli neze, lokho kwakuyikho konke okwakho; okuthathu, ukuphelela. UNowa, u-Abrahama, futhi ngiqonde . . . Qhabo. U-Adamu, uNowa, no-Abrahama. Manje, yingalesosizathu singabantwana baka-Abrahama, lesosivumelwano angeke siphele, asisoze saphela, ngoba asinambandela. Asina . . . Akusikho ukuthi ngoba *wena* wenza okuthile; yingoba uNkulunkulu wenze okuthile! Hhayi ngoba wena wakhetha uNkulunkulu; UNkulunkulu wakukhetha! Uyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen!"—Umhl.]

41 Abantu bathi, "O, Mfowethu Branham, ngafuna uNkulunkulu futhi ngafuna uNkulunkulu!" Futhi awuzange! Ngiyakuzonda ukukutshela lokho, kodwa awuzange. UNkulunkulu wafuna wena. KwakunguNkulunkulu efuna wena.

42 UJesu wathi, "AniNgikhethanga nina; Nganikhetha. Akakho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi, nabo bonke uBaba aNgiphe bona bazoza kiMi." Manje, niyabo, kwakungenjalo. Akekho umuntu ongaziqhayisa nganoma yini. NguNkulunkulu! O, kumangalisa kanjani ukubona u—umusa wangempela kaNkulunkulu, ukuthi unjani!

43 Futhi abantu bawuthathe kanjani uMlayezo womusa futhi benza ihlazo ngaWo! Njengebandla lami eliyigugu nani bantu beBaptisti bami abayigugu, uma uxova umusa kanjalo, usuvele ngempela usengxovangxoveni.

44 Omunye wathi kimi kungekudala, wathi, "Mfowethu Branham, manje uyazi wawuyiBaptisti elikahle."

Ngathi, "Ngisakuzwa lokho, kodwa nje sengithe ukuphakamela phezudlwana."

45 Wathi, "Awu, manje buka," wathi, "u-Abrahama wamkholwa uNkulunkulu, futhi kwabalelwa kuye ukuthi kungukulunga. Kukhulu kangakanani u-Abrahama ayengakwenza ngaphandle kokukholwa na?" Futhi wathi, "Uma sikholwa nguNkulunkulu, semukela uMoya oNgcwele."

46 Ngathi, "Kwehluke kanjani kuPawulu oNgcwele! UPawulu oNgcwele washo, kwiZenzo 19, 'Namemukela yini uMoya oNgcwele lokhu nakholwayo na?' Hhayi ukuthi *lapho* ukholwa; 'lokhu' nakholwayo!"

47 Wathi, "Awu, u-Abrahama wamkholwa uNkulunkulu, yilokho kuphela ayengakwenza."

48 Ngathi, "Qiniso. Kodwa ngenkathi uNkulunkulu emnika umyalo wokusoka, njengokuqiniswa ukuthi Wayemukele ukukholwa."

49 Futhi uma Engakaze akusoke namanje ngoMoya oNgcwele, Akakakwemukeli ukukholwa kwakho okwamanje. Kunjalo. Lokho ukusokwa kwenhliziyo nomoya. UNkulunkulu unikeza uMoya oNgcwele njengokuqinisa ukuthi Ukwemukelile ukukholwa kwakho. Manje, uma uyeka ukukholwa, futhi upenda ngokuzungeza; futhi nje umkholwe uNkulunkulu, uNkulunkulu uzosoka leyonhliziyo. Futhi lokho kusika konke ukungakholwa, kusoka izwe nakho konke ukungakholwa kusuke kuwe; futhi khona-ke uyama, iZwi lodwa. UJesu wathi, "Uma nihlala kiMi, neZwi laMi kini; khona-ke celani enikuthandayo, nizophiwa khona."

50 Yileyo indaba ngebandla namhlanje. Kungaphansi kwedlingozi, kungaphansi kwemfundo, kungaphansi kwesivumokholo. Akumangalisi, kufuthelana phansi! Niyabo? Ngakho sidinga ukusokwa, ukusika yonke into isuke. Buyela emuva kuNkulunkulu neZwi laKhe, futhi uLikholwe ngendlela eLilotshwe ngayo lapho, futhi ungaphikisani naLo. Hlala nje naLo. UNkulunkulu wenza isithembiso, uNkulunkulu uyasigcina isithembiso saKhe. Angeke enze enye into ngaphandle kokugcina isithembiso saKhe, futhi ahlale enguNkulunkulu.

51 Manje lesisivumelwano esingenambandela. Hhayi "uma uzo, Ngizo, kodwa Ngizo ngokuhamba kwesikhathi," noma into efana naleyo; "Sengivele ngikunikile izwe, neNzalo yakho emva kwakho!" Amen. Uyabona, sengivele ngikwenzile! Ngumsebenzi osuqediwe.

52 Wena wathi, "Ku-Abrahama wakwenza lokho." Yebo, hhayi u-Abrahama kuphela, kodwa iNzalo yakhe emva kwakhe.

53 Futhi uma siyiNzalo ka-Abrahama, ngumkhiqizo osuqediwe. "Labo Ayebazi ngaphambili, Ubabizile; labo Ababizile, Ubalungisisile; labo Asebalungisile, Usevele ubakhazimulisile." Yini oyesabayo na? Kunjalo. "Futhi umphikukristu, ezinsukwini zokugcina," ngokweSambulo, "ubakhohlisile bonke abahlala phezu kobuso bomhlaba, abamagama abo ayengalotshwanga eNcwadini yokuPhila yeWundlu" (kusukela emvuselelweni yokugcina na? Qhabo) "ngaphambi kokusekelwa kwezwe." Yilapho igama lakho lafakwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu, ngenkathi iWundlu lihlatshiwe. UNkulunkulu wakhuluma iZwi; Lalisekucabangeni kwaKhe, emcabangweni waKhe, Wakhuluma iZwi futhi yonke into yenzeka nje ngalesosikhathi. Lena nje iNzalo kaNkulunkulu ibe ngebonakalayo, yilokho kuphela, amaZwi aKhe ehlela phansi. Manje, ngenkathi ukuKhanya kukaNkulunkulu kubaneka ngokunqamula lapho, masinyane leyoNzalo iyaLiqonda, ngoba Yazalwa nguNkulunkulu. YiNzalo ka-Abrahama, yaziwa ngaphambili nguNkulunkulu. Yingakho ukuKhanya kubaneka, ngukubamba leyoNzalo. Uma i . . .

54 Sibe nemvuselelo. UJoweli washo. Siqophisana kakhulu ngemvula yakamuva, sibe neminyakazo ebizwa "ngemvula yakamuva," imvula yakamuva, imvula yasekuqaleni, imvula yaphakathi, imvula yangaphandle. Ngangifunda ngelinye ilanga. Niyazi ukuthi *imvula yasekuqaleni* ichaza ukuthini ngegama lesiHeberu na? Angikwazi ukulibiza njengamanje; angilibhalanga phansi, leqe umqondo wami. Kodwa *imvula yasekuqaleni*, imvula yokuqala, ichaza "imvula yokufundisa." Imvula yesibili nguMoya oza ngaphezu kwalokho okufundisiwe, futhi iveza isivuno. Kungani sibe nemvuselelo enjalo na? IPentecostal, iBaptisti, yonke eminye imithi iveza imiqumbe yayo, njengoba uJesu washo ukuthi iyoba njalo. Futhi yini esiyichamuselile na? AmaBaptisti athi a "thole isigidi ngaphezulu ngo '44." Bukani iKatolika, ukuthi asande kanjani. Bukani wonke amahlelo. Bukani iPentecost. Yini esiyenzile na? Sihlwanyele imbewu yehlelo, savuna isivuno sehlelo. Ngani, ibandla belifanele livuthele uNkulunkulu khona manje, uma bekubekhona imbewu yeZwi eyahlwanyelwa emuva lapho, futhi kuzobakhona izibonakaliso, izimanga, izimangaliso, nalelobandla belizoba ndawonye, inhliziyo eyodwa, ukuvumelana okukodwa, futhi limasha liqonde eZiyoni, liya oHlwithweni. Kunjalo. Yini esiyenzile na? Sibe nezinkulumo zobuhlakani esikhundleni seZwi. Sibe nokuzindla ngokumelene neZwi, nakho konke okunye.

55 Sizofanele sibuyele emuva eZwini. Sithole . . . Sizokwenza! UNkulunkulu wathi, "Ngizobuyisela, kusho iNkosi, yonke iminyaka edliwa izinkumbi nesibotho." Kuzoqhakaza ngesikhathi sakusihlwa. Kuzophuma oyedwa noMlayezo, uzobuyisela izinhliziyo, noma ukukholwa kwabantwana

kubuyele ekuKholweni kwawobaba. Wakwethembisa kuMalaki 4, ukuthi Uyokwenza, ababuyisele emuva futhi.

56 Manje, akusuye u-Eliya lowo okwakukhulunywa ngaye eBhayibhelini; uJesu wathi kuMathewu 11, "Uma ungakwemukela, uJohane lapho wayengu-Eliya owayefanele afike," kaMalaki 3. "Bheka, Ngiyakuthuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi," uMalaki 3, niyakuthola lokho.

57 Kodwa khumbulani, uMalaki 4, uMlayezo uyafika, "USuku lweNkosi olwesabekayo luyeza futhi luzoshisa wonke umhlaba, futhi abalungileyo bazophuma bahambe phezu komlotha wababi." Lokho akukaze kwenzeke ngemuva kukaJohane. Qhabo, uma lokho kwakuyikho, khona-ke umBhalo ulahlekelwe ukubamba kwaWo, Washo into eyayingesiyo. Sibe neminyaka eyizinkulungwane ezimbili kusukela lapho, izwe alikaze lishiswe kusukela lapho, lutho nhlobo. Kanjalo nabalungileyo baphume bahamba phezu ko—komlotha wababi. Kepha sisalokhu silindele leyonto ezothatha ukuKholwa, futhi ibuyisele ukukholwa kwabantwana emuva eMthini wephentekhoste wasekuqaleni lokho inkumbi ekudlile, inkumbi yaseRoma, isibotho. Konke okwehlelo labo nezivumokholo kuyaKudla phansi. UNkulunkulu wathi, "NgizoKubuyisela futhi, ezinsukwini zokugcina." Futhi Kuzobuyiselwa! UNkulunkulu uzothumela uMoya oNgcwele ngendlela enjalo, phezu kweZwi elitshaliwe, elizobuyisela. IZwi likaNkulunkulu liyiMbewu umhlwanyeli aphuma ukuyoyihlwanyela.

58 Manje, isivumelwano sanikezwa ngaphandle kombandela! Manje, u-Israyeli, inzalo ngokwemvelo yakushintshanisa lokho, futhi yakulahla ku-Eksodusi 19, ngenkathi enza leyonto ewubudedengu ukususa umusa, futhi wamukela umthetho endaweni yawo. Iphutha eliwubudedengu kanje pho u-Israyeli alenza lapho!

59 Bukani! UNkulunkulu, ngemuva kokuba wayesenze isivumelwano no-Abrahama, umusa wawusuvele uhlinzeke umprofethi-mkhululi wabo ezansi eGibhithe, ukufeza izwi lika-Abrahama. Khumbula uMose, ngaphansi kwesihlahla, uNkulunkulu wathi, "Ngikuzwile ukukhala kwabantu baMi, futhi Ngiyasikhumbula isithembiso saMi." Ngaphambi kokuba kube nomthetho, umusa wakuhlinzeka. Umusa wahlinzeka umhlatshelo ngecala labo, iwundlu. Umusa wahlinzeka isivumelwano, ukusoka, kwase kuvele kuhlinzekiwe, ngaphambi komthetho. Umusa wahlinzeka iNsika yoMlilo ukubahola, belandela umprofethi, ukuphepha lokho umprofethi wayebatshele iQiniso, kwakuyiZwi lelo ayekhuluma ngalo. Babazi ukuthi uNkulunkulu wakuthembisa, futhi lapha kwakuyiNsika yoMlilo ikuqinisa. Ukuphepha okuphindwe kabili kanje pho! Amen. Umusa wawukwenzile lokho!

60 Kodwa babezifunela okuthile ababengakwenza, babenezivumokholo zabo uqobo namahlelo, futhi nani okunye, benze abaFarisi, abaSadusi, nokuthile abangazenzela khona.

61 Umuntu uhlala njalo ezama ukuzisindisa. Angeke ukwenze lokho! UNkulunkulu usevele ukwenzile. Ufanele nje ukwemukele futhi ukukholwe.

62 INsika yoMlilo ukuba ibahole futhi ibaqondise, ibaholele eNdleleni. AMandla, umusa wahlinzekela aMandla ukulahla isitha sabo nokubakhulula. AMandla ayesevele enikeziwe. Bawela uLwandle oluBomvu. Babemshayile uFaro. Benza zonke lezizinto ngomusa. Futhi khona-ke bashintshanisa umusa ngomthetho, kepha lokho kwakungahlanganise lutho neNzalo yasebukhosini ka-Abrahama.

63 INzalo yasebukhosini yayizame ukwenza into efanayo, yabuyela emuva ngaphansi kohlobo oluthize lwesivumokholo esikhundleni sokuthatha umusa neZwi, nokuLikholwa. Yabuyela emuva. Kodwa kuyophuma iNzalo yasebukhosini; sizokuthola lokho emuva kancanyana, okuncane ukuqhubekela phambili.

64 Asibuyele emuva manje kuGenesise 12. UNkulunkulu wabiza u-Abrahama ngomusa. Hhayi ngoba wayengumuntu ohlukile; wayengu-Abrahama nje, indoda ejwayelekile nje. Hhayi ngoba wayengumpristi noma isikhulu; wayengumlimi nje. Wehla evela emzini wase—waseMbhoshongweni waseBabiloni, noyise, futhi babeye eKalideya, i-Uri yaseKalideya. Futhi, lapho, wayengumlimi, mhlawumpe wayelima ngesikhathi sasemini futhi alime ukudla kwakhe. Wayeshade udadewabo uhhafu, uSara. Futhi babengenabo abantwana, futhi u-Abrahama wayeneminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu ubudala ngenkathi uNkulunkulu embiza, futhi uSara wayeneminyaka engamashumi ayisithupha nahlanu ubudala.

65 Futhi uNkulunkulu watshela u-Abrahama ngenkathi Embiza, Wathi, "Ngizokwenza uyise wezizwe eziningi," futhi uzomnika ingane ngoSara. Manje, wayengazali. Futhi waye owesifazane, awu, amashumi ayisithupha nanhlanu, wayeneminyaka eyishumi noma iminyaka eyishumi nanhlanu esedlule ukuya esikhathini. Wayehlala naye kusukela cishe eneminyaka eyishumi nesithupha noma eyishumi nesishiyagalombili ubudala, udadewabo uhhafu. Futhi, bona, wayekade engumyeni kuye yonke leminyaka waze waba neminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu, futhi yena wayeneminyaka engamashumi ayisithupha nanhlanu, futhi khona-ke uNkulunkulu uyehla futhi wathi, "Ngizokunika ingane, ngaye." Futhi akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu, kodwa wasikholwa!

66 Ubungathini nje indoda endala, iminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu ubudala, nowesifazane, onamashumi

ayisithupha nanhlanu, ehla, eqhaqhazela, ezansi kudokotela, futhi athi, "Dokotela, ngifuna ulungisele isibhedlela manje. Singahle sikushayele ucingo noma ngabuphi ubusuku, ngoba, uyazi, sizoba nengane"?

67 Udokotela wayengathi, "Yebo, yebo, mnumzane, u. . . Hhe, hhe, hhe!" Kuthi nje bengathola ucingo, bathi, "Kungcono umlandele, kukhona okungalungile."

68 Futhi wonke umuntu othatha uNkulunkulu esithembisweni saKhe uthathwa, yizwe ngokuthi, "uhlanya." UPawulu wathi, "Ngendlela ethiwa 'ukweduka,' yileyondlela engimkhonza ngayo uNkulunkulu wawobaba bethu." *Ukweduka* ngu "kuhlanya," siyazi. Ngubuwula emqondweni wenyama. Ukukholwa ukuhlanya kuwo wonke umuntu ngaphandle kukaNkulunkulu nalowo onokukholwa. Kunjalo.

69 Kodwa uNkulunkulu wathembisa u-Abrahama, futhi u-Abrahama wakukholwa. Akazange athi, "Nkulunkulu, kuzoba kanjani na?" Wathi, "Kulungile, Nkulunkulu, ngiyakukholwa." Futhi sengiyambona eya ekhaya, uthi, "Sara, asehlele ezansi futhi sizitholele amayadi ambalwa engubo emagqabhagqabha, futhi sizitholele ophini abangaka, futhi sizitholele amanye amabhuzu amancane. Sizoba nengane." O, he!

70 Izinsuku zokuqala ezingamashumi amathathu zedlula, noma izinsuku ezingamashumi amabili nesishiyagalombili. "Uzizwa unjani, sithandwa na?"

"Akukho kwehluka."

"Akabusiswe uNkulunkulu, sizoba nayo, noma kanjani!"

"Wazi kanjani na?"

"UNkulunkulu washo njalo!"

71 Abanye bethu bangakhulekelwa ubusuku obubodwa, futhi bahlale emhlanganweni lapho uMoya oNgcwele uwela khona; futhi ngokusa okulandelayo, uma singezwakali, kahle, siqinile, "Ngi—ngisagula esiswini sami kancanyana. Angisakwazi ukunyakazisa izandla zami." Wena, Nzalo ka-Abrahama, awungabazi ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa na?

72 Okuthize kuyenyuka ebandleni, udeveli angangena phakathi kwe—kweqembu labantu abakahle futhi angene phakathi lapho futhi abhaxabule lelobandla alizungeze, into yokuqala niyazi, abanye bathi, "Hhe, ngizoshiya leNto endala, bekungekho lutho kuYo ekuqaleni." INzalo ka-Abrahama na? He, he! Icala lokuqala elincane udeveli angakukhombisa lona, khona-ke wena, usuqedile ngaYo. Kukhombise ukuthi awuYikholwanga kwasekuqaleni.

73 UJesu wathi, "UMbuso unjengomuntu owathatha inetha, waya olwandle futhi waphonsa olwandle. Ngenkathi engena, wayenayo yonke into." Kunjalo.

74 Yilokho i—yilokho imvuselelo ekubambayo. Kukhonani enethini na? Unamaxoxo, izicabucabu, izimfudu, isikhuphashe, izinyoka, nezinhlanzi. Angeke kube kade kakhulu luze ufudu luthi, "Awu, lena akusiyo indawo yami," emuva ngqo lubuyela odakeni. Isicabucabu esidala samanzi saqalaza, futhi sithi, "E! Angeke ngibe nomdlalo wamakhadi lapha." Ngakho sibuyela phansi odakeni futhi, njengengulube ekuzibhixeni kwayo nenja ebuhlanzweni bayo. Kunjalo. Futhi khona-ke iNzalo ka-Abrahama na? O, he! Ihlazo elinjena pho!

INzalo ka-Abrahama iyalikholwa iZwi likaNkulunkulu!

75 Hlala emuva lapho bese uthi, "Ya, akabusiswe uNkulunkulu, ngiyiPentecostal!" Futhi omunye umuntu ushumayela okuthize eZwini, lapho eLilotshwe khona ngqo. "Haleluya, angikukholwa Lokho. Qhabo, mnumzane." INzalo ka-Abrahama na? Hhe!

76 Manje, uma kungumbhedo othile, kusobala, awukukholwa. Kepha uma KuyiZwi, YiQiniso! Kunjalo. INzalo ka-Abrahama ibambelela kuleloZwi futhi lutho okunye.

77 Enye inyanga yedlula. "Sara, s'thandwa, uzizwa unjani manje na? Uyazi, ezinye izinsuku ezingamashumi amabili nesishiyagalombili sezedlule, uzizwa unjani na?"

"Akukho kwehluka, s'thandwa."

78 "Udumo kuNkulunkulu! Yisimangaliso esikhulu kakhulu ngezinyanga ezimbili kunokuba bekwenzeke ngenyanga edlule."

Unyaka wedlula. "Ngingawabeka kude lamabhuzu amancane na?"

79 "Qhabo, mnumzane, agcine lapho. Sizoba naleyo ngane!"

"Wazi kanjani ukuthi uzoba nayo na?"

"UNkulunkulu washo njalo! Lokho kuyakuxazulula."

Emuva kokwedlula kweminyaka engamashumi amabili nanhlanu. "Uzizwa unjani, Sara na?"

"Akukho kwehluka."

80 "Udumo kuNkulunkulu! Yiminyaka engamashumi amabili nanhlanu ngaphezulu yesimangaliso manje!" Akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa, kodwa waqina, ebambelele eZwini likaNkulunkulu; futhi ebiza lezozinto ezazingekho, ngokungathi zazikhona. Kungani na? UNkulunkulu washo njalo! O, he!

81 INzalo ka-Abrahama namhlanje, ngani, lokho esikubiza ngeNzalo ka-Abrahama, kuntekenteke kunesobho elenziwe ngesithunzi senkukhu ebulawiswe ngendlala. Yebo, mnumzane.

82 UNkulunkulu ufuna amaKristu amahhadlahhadla athatha iZwi likaNkulunkulu, ephila noma efa. Yinto efanayo. Amen. "UNkulunkulu washo njalo!" Leyo yiNzalo ka-Abrahama, ezalwa nguMoya neZwi likaNkulunkulu. Yilokho okumile.

83 "Kuyodlula amazulu nomhlaba, kodwa iZwi laMi alisoze ladlula." Yilokho. Lokho uNkulunkulu akuthembisile, uNkulunkulu uyakwazi ukukwenza. UNkulunkulu akahluleki. Angeke ahluleke. Kunento eyodwa uNkulunkulu angeke ayenze, futhi lokho ukwehluleka. Angehluleke, lokho yiyonanto kuphela Angeke ayenze. Kodwa Angeke ahluleke. Uma uNkulunkulu akwethembisa, kuyiQiniso. Kulapho kuze kube phakade. Kuxazululwe ngokuphelele kuze kube phakade. Uma uNkulunkulu ekhuluma iZwi, selivele lixazululiwe.

84 Lelizwe lenziwa ngeZwi likaNkulunkulu nje. Wavele wathi, "Makubekhona," futhi kwabakhona. Amen. Lona kanye uthuli enihlezi phezu kwalo kulobubusuku, lona kanye ipulangwe enihleli phezu kwalo, alilutho ngaphandle kweZwi likaNkulunkulu elenziwe labonakaliswa. Haleluya!

85 Ngizizwa nginokholo uma ngicabanga ngo-Abrahama, ngazi ukuthi singaba yiNzalo yakhe, iNzalo ka-Abrahama nazo zonke lezizithembiso. Hhayi kuphela ukuqinisekisa, uNkulunkulu waphakamisa isandla saKhe, wazifunga Yena uqobo, ukuthi Uzokwenza. Isifungo singukuthi, njalo, isivumelwano siqiniswa ngesifungo, futhi uNkulunkulu wazifunga Yena uqobo ngoba akekho ophakeme ukuba afunge ngaye. Wazifunga Yena uqobo, ukuthi Uyokwenza.

86 Manje lokho izwe, kanjani, yini—yini indaba ngathi na? Isithembiso esinjalo! Ukukholwa okwakhiwa ngasentweni enjalo, ukukholwa kwakhiwa! IZwi elethembisa lezizinto ngezinsuku zokugcina, futhi lapha siyazibona zenzeka phambi kwethu ngqo, futhi sisakhotheme. INzalo ka-Abrahama na? O, he! Ngifuna nibambelele kulokho, "iNzalo ka-Abrahama."

87 UGenesise 12, uNkulunkulu ayekufuna ku-Abrahama kwakungukwehlukana okuphelele.

88 Manje, namhlanje, bafuna abaxubi. "O, uma sikhetha umelusi, uzofanele abe nezinwele ezisongene, futhi aphume ngqo eHollywood, niyazi, futhi angasho ukuthi 'a-men' kahle kakhulu, futhi agqoke izingubo zesitayela esizedlula zonke, futhi ashayele iCadillac enhle kakhulu, no—nokunye nokunye kanjalo, futhi ungumxubanisi okahle. Wenza *lokhu*. Futhi uzothatha isiphuzo esincane kanye ngankathi kanye nathi, ukuba abe nobudlelwane. Uyeza emcimbini wamakhadi wamanenekazi amadala, futhi batisha futhi bathunge, futhi ukuthunga nesitishi, futhi bakhulume ngoNkosazana *S'bani-bani,* nokunye nokunye, niyazi, nakho konke kanjalo. Futhi bafanele babe yilolohlobo lo—umxubi."

89 UNkulunkulu wathi, "Ngehlukaniseleni uPawulu noBaraba!" Amen. Ukwehlukana! "Phumani kubo futhi ningabi ngababahlanganyeli bezinto zabo ezingahlanzekile!" UNkulunkulu ufuna ukwehlukana, ukushabalalisa ngokuphelele esonweni. Hlukanisa! Yileyo inkinga namhlanje,

isizathu singeke saba yiNzalo ka-Abrahama, asikwazi ukuzehlukanisa emibhedeshweni nezivumokholo, nokunye nokunye, sabiza ubuKristu, eZwini eliphilayo. Zahlukanise ekungakholweni kwakho, futhi ukholwe yiZwi likaNkulunkulu. UNkulunkulu uzoLenza libonakaliswe kuwe. Kunjalo.

90 UGenesise 12, uNkulunkulu wathi, "Zahlukanise nazo zonke izihlobo zakho nakuyo yonke into ekuzungezile." O, he, angeke sizehlukanise ekudlaleni amakhadi! Hhe!

91 Ngingene endaweni othenga udlele kuyo namhlanje, ngenkathi umfowethu engena lapho. Ngibhekisise elinye ibhungu eliyihlongandlebe lingena lapho. Futhi unkosikazi nami bengizama ukudla, futhi ngacabanga, "Makabongwe uNkulunkulu! Asisheshise, s'thandwa, ngaphambi kokuba othile angene." Futhi elinye ibhungu liyangena lapho, lizulazula nomthamo. Ngingesaba ukuhlangana nalowomfana ebumnyameni. Futhi wafaka i—inalithi yomshini phakathi lapho futhi, noma irekhodi, futhi uqala ukudlala leyonto endala yodum-dumu, futhi—futhi emi lapho, ehamba ka*njena*, niyazi, ezishaya ka*njalo*. *Nga*thi, "Bakithi, umusa!"

92 UMeda uthe, "Unga—ungayi lapho ukuyokhokha lesosikweletu. Linda khona lapha, ngizohamba nawe." Ubesaba.

93 Noma ngubani kulokho, izinto ezinjalo njengoba sinazo namhlanje, isizwe samaKristu, o, into enjena pho! Ukwehlukana! Amaphesenti angamashumi ayisishiyagalolunye alabo acula emakhwayeni, u-Elvis Presley, noPat Boone, nakho konke lokho, noPeabody Ernie, noma yini abambiza ngayo ezansi lapho. Ngani, kubi ukwedlula uJuda Iskariyothe! UJuda Iskariyothe wathengisa, futhi wathola izinhlamvu ezingamashumi amathathu zesiliva; u-Elvis uyamehlula, unoxhaxha lwezimoto oluningana loCadillac nokuningi ukuthandwa ngabantu. Futhi ngoba lababantwanyana babona konke lokho kuqhubeka, bathi, "Uyakholwa kakhulu." Lowo ngudeveli! Impela! UNkulunkulu akayibekezeleli into enjengaleyo. Lokho ukuphuphutheka lapha ezinsukwini zokugcina.

94 Buyelani emuva eZwini, "Zehlukaniseni nakho konke ukungazesabi izinto zikaNkulunkulu, futhi ningazithinti izinto zabo. Ngizonemukela."

95 IVangeli, sidingeka siLibambe ngezandla ezingafakwe lutho! Hhayi ngamanye amaglavu obufundisi, simbambatha othile emhlane, lokho kuthola isidleke esigcwele amaqanda abolile futhi, enza othile abe yindoda yesigodi, noma igosa, umbhishobhi, noma enye into. Kwenzani uku . . . Ungaba kanjani nokukholwa uma unokuhlonipha, uthola udumo komunye nomunye na? Sibuka kuNkulunkulu, futhi Yena yedwa! Udumo luvela kuNkulunkulu. NguYe. SiyaMdumisa ngokubamba iZwi laKhe njengethoshi, nokuhamba njengowesilisa noma

owesifazane phambi kukaNkulunkulu. Impela. Ukwehlukana okuphelele!

UGenesise 13, uLoti wabuyela emuva. Khumbulani. Banencane . . .

96 Ngemuva kokuba sebezehlukanisile, futhi bawela umfula futhi bangena ezweni, uNkulunkulu wathi, "Abrahama, ngizolinika wena lonke manje, kodwa awungilalelanga ngokugcwele."

97 Futhi into yokuqala niyazi, kwaqubuka ukuqophisana okuncane ngabelusi, naphakathi kwamadoda ezinkomo zabo, futhi uGenesise 13 (kwenzekani na?), abelusi bakaLoti nabelusi baka—baka-Abrahama. Bhekisisa u-Abrahama, isenzo sobuzalwane, wathi, "Makungabikho izimpikiswano phakathi kwethu. Singabazalwane." ULoti wayemele ibandla elisivivi. Futhi wathi, "Buka ngaphandle, zikhethele. Noma yini oyifunayo, qhubekela phambili ukuthathe. Uma uya empumalanga, ngizoya entshonalanga, kanjalonjalo. Noma, uma uya entshonalanga, ngizoya empumalanga. Uma uya enyakatho, ngizoya eningizimu, kanjalonjalo. Thatha ukukhetha kwakho." Futhi uLoti wayeseke waba sezansi eGibhithe futhi wayethole ukubuka ekuthandweni ngabantu okuncane, wayenemadlana ephaketheni lakhe.

98 Yilapho ibandla elenze khona iphutha lalo. Ngisho lokhu ngenhlonipho yokuzithoba, bazalwane. Ibandla lePentecostal belingangcono ngaphandle kwesigujana itamborini, ngaphandle lapho ekhoneni, namadoda ayimfashini endala nabesifazane, enombhaphathizo kaMoya oNgcwele, kunokuba bebengaba kulamathempelana amakhulu kakhulu namakhaza ezidumbu abahlala kuwo namhlanje ngaphansi kwalombhedo nezinto. Kunjalo. Bafuna ukuziphathisa okwabo bonke abanye. Yilapho esikuthole khona. Kungani ningahlalanga ngendlela enaniyiyo, indlela uNkulunkulu aniqala ngayo na? Yona kanye into eniqophisana ngayo, futhi niyaphenduka nenza into efanayo.

99 Yileyondlela uLoti enza ngayo, wehlela ezansi eGibhithe futhi, into yokuqala niyazi, wabuka eGibhithe. Futhi khona-ke wabuka ngaphesheya futhi wayebone iSodoma, ukutamasa, ukungatatazeli. Futhi waya ngasempumalanga ngase . . . Khumbulani, waya empumalanga esikhundleni sokuya entshonalanga no-Abrahama. Waya empumalanga ngoba kwakuyindlela yokutamasa. Waqhubeka waya ngasempumalanga.

100 Yileyondlela ibandla eliyenzile namhlanje, niyabo, babuyela emuva. Njengoba ngishilo izolo ebusuku, ilanga liphuma eMpumalanga bese liya entshonalanga. Futhi iNdodana kaNkulunkulu ivakashela eMpumalanga kuqala, futhi iye entshonalanga. Bakufiphalisile, eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili. "Kepha kuzoba nokuKhanya ngesikhathi sakusihlwa,"

kwasho lomprofethi. Esikhundleni sokulandela iNdodana, babuyela emuva lapho iNdodana yayikhona. Namhlanje kungenzeka ukhulume okuthile mayelana nokuphulukisa kukaNkulunkulu, ngesiprofetho, ngeziphiwo zikamoya eziyisishiyagalolunye, noma okuthile; "Asibuyele emuva sibone lokho uMoody akusho, lokho uSankey akusho, lokho uKnox akusho, lokho uCalvin akusho." Baphila ngosuku lapho iNdodana yayikhanya lapho; siqhubekela ekupheleleni! Amen!

101 Usosayensi ongumFrentshi washo, cishe eminyakeni engamakhulu amathathu edlule, wakufakazisa ngokugingqa ibhola ngokuzungeza imbulunga, wathi, "Uma noma ngubani engake ahambe ngesivinini esesabekayo samamayela angamashumi amathathu ngehora, amandla adonsela phansi angabasusa emhlabeni." Kufakazelwe ngokwesayensi. Ucabanga ukuthi isayensi ingake ibhekisele kulokho na? Qhabo, mnumzane! Banabo bahamba cishe amamayela ayizinkulungwane ezimbili ngehora, bezama ukubenza baqhubekele phambili. Ababheki emuva kulokho.

102 Kodwa abefundisi, "Sizobuka emuva futhi sibone lokho uMoody akusho, lokho uSankey akusho." Yilapho iNdodana *yayikhona*. Nakhu lapho Kukhona namhlanje! KusoGwini lwaseNtshonalanga, ngesikhathi sokuhlwa, haleluya, kunikeza ukuKhanya kwakusihlwa! Hhayi emuva ekulungisisweni kukaLuther noma ekungcwelisweni kukaWesley; kodwa sisosukwini lokugcina, amen, uma ukuKhanya kwakusihlwa kukhanya, lapho sisesikhathini sokugcina. Landela iNdodana.

103 Kodwa uLoti wabuyela emuva ngoba kwakulula, ukutamasa. Bukani uNkk. Loti lapho ebuyela lapho. Ngani, kufanele ukuthi waba yindlovukazi yemiphakathi yedolobha. ULoti waba yimeya. O, mfowethu, babanakho kwenziwe, ngani, ngiqonde ukusho!

104 Yileyondlela abantu abathathe ngayo uNkk. Loti namuhla. Bukani indlela abantu bakithi abaziphatha ngayo namhlanje. Bukani abantu bakithi emabandleni, kubukeni nje. Bukani abesifazane bakithi, babuke namhlanje.

105 Nga—ngangiseHollywood ngelinye . . . noma eLos Angeles, maduzane nje, ngangilinde uMfowethu Arganbright ukuba enyuke. Futhi nakho kumi intombazane, iyenyuka lapho. Ngabuka, futhi ngangabaza. Ngayibuka. Ngacabanga, "Ngiyisithunywa senkolo. Ngilubonile ubhubhane, ngilubonile uchoko, kodwa angikaze ngibone noma yini enjalo." Yayinalokhu okunye kwalokhu kugundwa kwezinwele zibe yinkimbinkimbi, lezi, niyazi, niyazi, lokho enikubiza, kubukeke njengekhanda elinamanzi, niyazi, i—iNenekazi lokuQala, ya, njengoJezebeli, kanjalo. Futhi lalinaluhlaza-sasibhakabhaka naluhlaza-satshani; futhi kungahle ukuba kwakukade kungowesifazane obukeka emuhle; kodwa yonke leyonto ikuye,

wayebukeka njengeLawu lase-Afrika. Ngakhuphuka, futhi ngangizomkhuleka owesifazane. Ngacabanga, "Nenekazi, uma ungenankinga, ngikhulekela abagulayo. Angikaze ngiyibone noma yini enjalo. Ngitshele ukuthi kuyini." Futhi khona-ke omunye wesifazane waqala ukukhuluma naye, futhi wayeyindlela efanayo. O, he!

O, uthi, "Lowo kwakuyiPresbyterian." IPentecostal! Impela.

106 Futhi iBhayibheli lathi, "Kuyinto ehlazisayo ukuba owesifazane agunde izinwele zakhe." Uyakwenza, uhlazisa ikhanda lakhe. Uhlazisa ingelosi, ingelosi yokuKhanya. Izingelosi zeBandla lesiKhombisa, leyo eletha ukuKhanya izohlala neZwi. Ukuhlazisa! Ufanele abe nezinwele ekhanda lakhe. He, okunje! Futhi kwakuvamise ukuba yiphutha ukuba bakwenze. Kwi—ePentecost yokuqala, kwakuyiphutha. Kwenzekeni na? Ugijime kahle, kwenzekeni na?

107 Futhi abanye besifazane bethu bePentecostal bagqoka lezozingubo ezibukeka njengesikhumba phezu kwesoseji, ngaphandle lapha ndawo ndawo bezama . . . Kunjalo! Angikusho lokho ngoba akusilo ihlaya. Lena akuyona indawo yamahlaya. Leli yipulpiti.

108 Omunye wesifazane washo kimi ngobunye ubusuku. Ngangibatshela ukuthi babegqoka kanjani. Wathi, wathi, "Angizigqoki izikhindi. Ngi—ngi—ngigqoka amabhulukwe amasleksi."

109 Ngathi, "Lokho kubi kakhulu kunanini. UNkulunkulu wathi, 'Owesifazane oyogqoka ingubo yendoda, kuyisinengiso emehlweni kaNkulunkulu.'" Kunjalo!

110 Futhi ake ngikutshele okuthize, nenekazi, wena, owesifazane osemusha, ozigqokisayo phandle lapho, uzophendula ngosuku lokwahlulelwa ngokuphinga.

Wena uthi, "Ngimsulwa njengomnduze."

111 Ya, kodwa uJesu wathi, "Obuka owesifazane ukuba amkhanukele, usephingile vele naye enhliziyweni yakhe." Ungahle ukuba awusenzanga isenzo. "Othukuthelela umfowabo ngaphandle kwesizathu, usebulele vele." Niyabo, into kuphela okufanele uyenze. Futhi uma leso soni sikubuka indlela ogqoke ngayo, konke kwenziwa ngendlela oyiyo, emuva ngemuva, futhi kufuqelwe ngaphandle, futhi kwafuqelwa phakathi, ugqoke lolohlobo lwezingubo, bese-ke uyaphuma. Manje lalela, lelo akusiwo amahlaya! YiVangeli leli! Futhi wena umfoma kanjalo, futhi isoni esithile sikubuka ukuba sikukhanukele. Ngosuku lokwahlulelwa, lapho sesiphendula ngokuphinga, ngubani owakubangela na? Wena wakwenza. Uzophendula ngakho ngoba waziveza qobo lwakho ngaleyondlela.

112 Ngani, uthi, "A—abalwenzi olunye uhlobo lwezingubo." Bayayenza imishini yokuthunga, futhi basazithengisa

izindwangu. Akukho zaba nhlobo! Yingoba usukile eZwini! Lokho akuthandwa ngabantu. Lokho kunzima.

113 Omunye umshumayeli odumile uyafika ngelinye ilanga, wabeka izandla zakhe phezu kwami, wathi, "Ngizobeka izandla zami kuwe futhi ngikhiphe ububi."

Ngathi, "Ini?"

114 "Ukhuluma ngalabo besifazane kanjalo." Wathi, "Abantu bakuthatha njengomprofethi."

Futhi ngasho, ngathi, "Angisuye umprofethi."

115 Wathi, "Bakuthatha kanjalo, Mfowethu Branham." Futhi wathi, "Ubufanele ufundise labobantu, labo besifazane, ukuthi bangazithola kanjani izibusiso zokomoya. Futhi ulokhu uqhubeka ubatshele ngokugunda izinwele zabo nezinto ezinjalo. Angeke bakulalele lokho."

Ngathi, "Ngiyakwazi."

Wathi, "Awubafundisi ngani lezozinto ezinkulu na?"

116 Ngathi, "Ngingashumayela kanjani, ngibafundise ongwaqa lapho bengabazi ngisho o-ABC babo, hhayi ngisho ukuhlonipha okujwayelekile na?"

117 Nawe ndoda ozovumela abesifazane benu baziphathe kanjalo, nginokukuhlonipha okuncane ngokuba yindoda engumKristu, iNzalo ka-Abrahama. Amen! Kungcono ngikushiye lokho, ngizonenza nonke nisukume futhi niye ekhaya. Kulungile. Ngolunye lwalezizinsuku nizohluleka ukuthola okuthile phezulu Lapho.

118 Wena uthi, "Akwenzi mehluko." Kwawenza kuPawulu. Kwawenza kuNkulunkulu, ensimini yase-Edene. IBhayibheli lasho ukuthi owesifazane ufanele abe nezinwele ezinde! Futhi ngaphandle kwakho, ukuphi na? Awu, wena uthi, "Akwenzi mehluko." IBhayibheli lasho ukuthi kuyawenza! Ungavumeli udeveli akuzindlise, futhi akutshele ukuthi, "Kuyisimodeni, kulungile." Akulungile! Wena wathi, "Ngangingakwazi phambilini." Usuyakwazi manje. Niyabo? Kuhlole futhi uthole uma kulungile. Ngizokushiya lokho, niyabo. Kulungile.

119 UGenesise 13, isimodeni, e-hhe; buyela emuva lapho iNdodana yayikhona, hhayi lapho iNdodana ikhona; lapho iNdodana yayikhona, noma kunjalo. Unkosikazi, sengiyacabanga, umkaLoti, wangena kanjani emphakathini!

120 Yileyondlela esangena ngayo emphakathini. Yileyondlela thina maPentecostal esangena ngayo kukho. Siba, simisa inhlangano encane phezulu *ngapha*, nenye encane ngokumelana, enye ngokumelana nenye, nokumelana na*lena*, futhi benza . . . Ungenise yonke into. Kunjalo impela.

121 Wathini uSamuweli ngenkathi u-Israyeli wayefuna—wayefuna ukwenza inkosi, wayefuna uSawulu abe yinkosi na?

USamuweli weza kubo, futhi wathi, "Sengake ngayithatha imali yenu ukuze ngiziphilise na? Sengake nganitshela noma yini eGameni leNkosi ngaphandle kwalokho okufezekayo na?"

122 O, bathi, "Impela, ungumprofethi kaNkulunkulu. Usitshele iQiniso, futhi okushilo kuyenzeka, kodwa sifuna inkosi, noma kanjani."

123 Futhi noma nini lapho uqala ukwehlisa imigoqo, nokuvumela *lokhu* na*lokho*, futhi yonke enye into ingena kanjalo, usuhambile waba yisimodeni. Futhi ibandla lifana nje namanye awo namhlanje. Esikudingayo ukuhlanzwa kwendlu kwePentecostal! Kunjalo impela. Amen. Kuyihlazo ukuthi iBaptisti izofanele ikutshele lokho, akusilo na? Kodwa kuyiQiniso. Kulungile! Ngiyalikholwa iBhayibheli, ngiyakholwa ukuthi iZwi likaNkulunkulu liqinisile. Kulungile.

124 U-Abrahama, khona-ke u-Abrahama wathatha i . . . evesini 14 lesahluko sama 13, emuva kokuba uLoti esezahlukanise yena uqobo, no-Abrahama wamlalela uNkulunkulu ngokuphelele, khona-ke uNkulunkulu uza kuye. Manje Uselungele ukumbusisa.

125 Futhi lize ibandla lePentecostal lisuke kuzo zonke izivumokholo zalo nemibhedesho, nokuziphatha njengezwe nokubukeka njengezwe, nokukhuluma njengezwe, nokuhlala ekhaya ngoLwesithathu ebusuku ukubuka u *Sithanda uSusie* esikhundleni sokuza emhlanganweni womkhuleko, nezinto ezinjalo, ukhokha okweshumi kwakho kumshumayeli othile phandle lapha ohlobweni oluthile lohlelo lomsakazo ukuhlekisa ngayo yonke into oyimele, kunjalo, nalo lonke loluhlobo lwento oluqhutshwayo egameni lepentekoste, kuyihlazo!

126 Ngikhulumela iChristian Business Men, emazweni ngamazwe. Kunabaningi babo abahlezi lapha manje. Lapha ngobunye ubusuku, lapha cishe unyaka odlule, kwakuse, ngangiseJamaica. Futhi babenabo bonke osaziwayo baseziqhingini phakathi lapho ngobusuku obubodwa, futhi lamadoda esukuma, efakaza, "Udumo kuNkulunkulu! Ngangingusomabhizinisi omncane ezansi ekhoneni. Haleluya, nginoCadillac abane manje. Udumo kuNkulunkulu!"

127 Futhi ngabuyela enhla lapho eFlamingo Motel ngalobobusuku, ngama lapho, ngathi, "Nginamahloni ngani!" Ngathi, "Nina madoda lapha ukumela uKristu, nizama ukutshela usomabhizinisi ukuthi ninokuningi kangakanani, unokuningi kunalokho eninakho noma eniyoke nibe nakho." Lokho kwehluke konke kakhulu kumaphentekoste akuqala. Ipentekoste yokuqala yathengisa ngalokho ababenakho, futhi bakwehlukanisa phakathi kwabampofu, futhi bahamba bashumayela iVangeli. Kunjalo!

128 Omunye umculi omncane waseSweden ovela eChicago, angizukulibiza igama lakhe. Ungumfowethu othandekayo

wami. Wasukuma, wathi, "Mfowethu Branham, nakuba u. . . Siyakukholwa ukuthi ungumprofethi, kodwa ngizokutshela khona manje, 'Unephutha.'"

Ngathi, "Ngitshele kuphi, mfowethu."

129 Wathi, "Awu, labobantu bathengisa ngalokho ababenakho, futhi bakubeka ezinyaweni zabaphostoli, futhi bakwaba." Wathi, "Kwakuyisenzo esibi kakhulu abake basenza."

130 Ngathi, "Uqonde ukungitshela ukuthi uMoya oNgcwele wenza isenzo esingafanele na?"

Futhi wathi, "Kwakungafanele. Ngizokufakazisa kuwe."

Ngathi, "Ngani na?"

131 Wathi, "Khona-ke ngenkathi ukuhlushwa kukhuphuka, babengenandawo abangaya kuyo. Babezulazula, yonke indawo."

132 "Impela entandweni kaNkulunkulu, beshumayela iVangeli nomaphi lapho ababeya khona. Babengenayo indawo abangabuyela kuyo." UNkulunkulu akawenzi amaphutha. Kunjalo! O, umehluko onje okuyiwo; ipentekoste okwakuyiyo, nePentecost okuyiyo. Ya, nakho-ke.

133 Emva kokuba u-Abrahama ezahlukanisile noLoti, khona impela nje uNkulunkulu amtshela ukuba akwenze. "Asehlukanise sonke isono esithandela kangaka kithi, sikhiphe yonke into!" Lapho, khona-ke uNkulunkulu wathi, "Abrahama, manje uyindlalifa yazozonke izinto. Buka empumalanga, buka entshonalanga, buka enyakatho, buka eningizimu, hamba udabule izwe, lonke ngelakho!" Amen.

134 Hlukanisa into yakho, qobo lwakho esonweni, ukungakholwa. Kukhona isono esisodwa kuphela, futhi lokho ukungakholwa. Ukuphinga akusiso isono, ukuphuza utshwala akusiso isono, ukukhuluma amanga akusiso isono; lokho yimiphumela yokungakholwa. Uma ukholiwe, ubungeke uzenze lezozinto. Impela. UJesu wathi kuJohane oNgcwele 5:24, "Ozwa amaZwi aMi futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade," lokho yi *Zoe*, uMoya oNgcwele, ngoba wakholwa. Kunjalo. Manje, uze wemukele Lokho, uyazenzisa, lokho kukuleloqembu. Kodwa uma bekholwa ngempela, bezehlukanisa qobo lwabo, khona-ke uma uzehlukanisa kukho konke ukungakholwa kwakho, futhi ukholwe nguNkulunkulu, uphume uhambe ngokuqinile, uphethe iMiyalo, wenza konke okulungile, khona-ke uNkulunkulu uzothi, "Zonke izithembiso eNcwadini ngesakho." Amen. "Zonke ngezakho! Phenya kuLo, kusukela kuGenesise kuya eSambulweni, zonke ngezakho!" Amen. "Uma nihlala kiMi neZwi laMi kini, ningacela enikuthandayo, kuzoba njalo." Ini? Ufanele uzehlukanise, kuqala, ekungakholweni kwakho.

Wena uthi, "Mfowethu Branham, ukwenza kube ngokusondele ngokwesabekayo."

135 UJesu wathi, "Emihleni kaNowa kwasindiswa abayisishiyagalombili. Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu."

136 "Kungaki lokho, Mfowethu Branham na?" Kungaba yizinkulungwane eziyisishiyagalombili, kungaba yizigidi eziyisishiyagalombili, angazi ukuthi kuyini. Kodwa kuzoba ngokuncane ngesibalo. Oyedwa kwabayizinkulungwane eziyikhulu, noma into enjalo, ngingasho. Kulungile.

137 Ukukholwa okuphathelene nengqondo, ukukholwa ngokomqondo, ngaphandle kwesipiliyoni sokuzalwa kabusha, ngokomuzwa, isivumokholo sobufundisi! Uma uMoya oNgcwele weqiniso wangoqobo uphakathi lapho, Uzogcizelela leloZwi; futhi leloZwi lizophila ngokufanayo nje ncamashi njengoba Lasho ukuthi Liyokwenza, ngoba NguMoya ofanayo owaLikhuluma, oLikhuluma ngawe. Lizofanele liphile. Impela, lifanele. Hhayi wena okhulumayo, kodwa uBaba ohlala kuwe, nguYe okhulumayo. Kulungile.

U-Abrahama, indlalifa yazozonke izinto.

138 Mina, ngenkathi ngigcwaliswa ngoMoya oNgcwele njengoba nani bantu nenza, ngithanda ukuhamba ngedlule, futhi, njengomhubhe omkhulu phakathi kwezakhiwo, yonke into lapho ingeyami. Ngiyindlalifa kukho konke okuncu kwakho. Futhi uma ngiyindlalifa yomhubhe phakathi kwezakhiwo, ngi—ngingathanda ukuthola ukuthi nginani. Lapho ngiba umKristu, ngangifuna ukwazi ukuthi yini enginayo. Ngakhoke uma nginomhubhe phakathi kwezakhiwo, bengingedlula, bese ngidonsa idilowa futhi ngibone ukuthi kukhonani phakathi lapha, futhi ngiqalaze *lapha* futhi ngibone ukuthi yini ephakathi lapho; okuthile okubukeka kuphakeme kancanyana lapho, ngizozitholela isitebhisi futhi ngigibele ngikhuphukele kukho. Ngizothola ukuthi kwakuyini. Okuthile okubukeka kungaleya kancane kokufinyelela kwami lapha, ngizoguqa ngamadolo ami bese ngiqala ukuthandaza ngize ngiphakamele kukho. Kungokwami! UNkulunkulu wakwethembisa. Ukuphulukisa kukaNkulunkulu, aMandla kaNkulunkulu, zonke lezizimangaliso nezibonakaliso nezimanga, Wakwethembisa.

139 Uthi, "Mfowethu Branham, zisebenza kanjani lezizinto na?" Ngesithembiso sikaNkulunkulu. Amen.

140 INzalo ka-Abrahama! Udumo! Ngizizwa ngikahle. Ngingahle ngibukeke ngihlanya futhi ngiziphathe ngokuhlanya, kodwa nje ngiyeke. Ngizizwa ngingcono ngalendlela kunoma ngenzile ngenye indlela. Niyabo?

141 Isahluko 14, siya ku-Abrahama, manje siyathola esahlukweni 14 kwenzekani. Amakhosi ayehla evela

ezingxenyeni ezihlukene zezwe, futhi enza umfelandawonye namakhosi aseSodoma, futhi angena athatha iSodoma, athatha uLoti; umfowabo ka-Abrahama eNkosini, amkhipha, umfowabo wehlelo osivivi, futhi ahamba naye. Manje, khumbulani, uNkulunkulu wayesevele emtshelile u-Abrahama ukuthi yonke into esezweni kwakungeyakhe.

142 "Nabathobile bayodla ifa lomhlaba." Uthi siyahlanya na? Sizowuthatha umhlaba, okusemhlabeni! Impela, siyindlalifa kukho.

143 Bukani uSathane, wathi kuJesu, "Uma Uziwisa phansi futhi ungikhonze, ngizoKunikeza lelizwe." Yonke imibuso ilawulwa ngudeveli, yonke. UJesu washo njalo. IBhayibheli liyakukhuluma. Zonke izizwe futhi yonke imibuso ilawulwa ngudeveli. Futhi uSathane wathi, "Ngeyami lena. Lena ngeyami. Ngizokunika yona uma Wena Uzongikhonza."

144 UJesu wayazi ukuthi Uzoba yiNdlalifa kuyo ngesikhathini seminyaka eyiNkulungwane, ngakho-ke Wathi, "Buyela emva kwaMi, Sathane." Wayazi ukuthi WayeyiNdalifa kuyo.

145 Futhi namhlanje bakhuluma ngabantu abahlanyayo bekhonza iNkosi futhi bezalwe kabusha. Bayakwesaba lokho "ukuzalwa kabusha." Abawuthandi nje lowombono, futhi babambise ngokuthile ngawo. Omunye wabo ubambise ngokuxhwulana; omunye, ukufafaza okuncane kwamanzi; omunye, akhiphe ulimi lwakhe ngaphandle futhi athathe ucezu lwesinkwa; omunye, asine azungeze kwiphansi. KungukuZalwa! Njengoba ngasho ngobunye ebusuku, "Ukuzala kungamahlaphahlapha, angikhathali ukuthi kukuphi. Uma kusesibayeni sezingulube noma egumbini lasesibhedlela, kungukuzala, kungamahlaphahlapha." Futhi kunjalo ukuZalwa kabusha, Kuyakudabula, kodwa kulawomahlaphahlapha kuphuma ukuPhila okusha. Amen. Yebo.

146 U-Abrahama wayazi ukuthi konke kwakungokwakhe, ngakho ngakho-ke lapho uLoti engena, wathi, "Manje awume kancane." ULoti ukhishwe ngezandla ezinesihluku zesitha. Wathi, "Lowo ngumfowethu, futhi ngizomlandela." Manje khumbulani, kwakukhona cishe amakhosi ayisikhombisa noma ayisishiyagalombili lapho ayehambisane ndawonye, futhi ehla futhi athatha yonke into futhi athwala konke ngakho. Futhi lapho sebephumile, u-Abrahama wathatha izinceku zakhe, wamlandela, ukubuyisa umfowabo olahlekile. Lowo ngumKristu wangempela, wamlandela umfowabo olahlekile! Wenzani lapho emthola na? Wabulala amakhosi; futhi wabuyela emuva, eletha umfowabo, emva kwempi.

147 Bukani, kwakukhona iNkosi eyodwa eyaphuma ukuyohlangana naye, ebuya, uMelkisedeki. UMelkisedeki, Wayengubani na? Wayengenayise, Wayengenanina. Akakaze azalwe, Akafi nhlobo. Engenayise, engenanina, engenakuqala

kwezinsuku noma ukuphela kwempilo. (Kwakungesiyo iNdodana kaNkulunkulu; ngoba WayenoYise nomama, bobabili bazalwa futhi bafa, futhi baphinde bavuka.) Kodwa loMuntu wayengenayise nhlobo noma unina, UnguNkulunkulu! Impela, YiyonaNto kuphela ePhakade.

148 Futhi Wahlangana no-Abrahama emva kokuba impi yayisiphelile, ekukhombisa eNzalweni ka-Abrahama; emuva kokuba silandele umfowethu owile, nempi isiphelile. Wanikezela ngani uMelkisedeki na? Iwayini nesinkwa, isidlo. Amen. Lapho impi isiphelile, mfowethu! Uyabuya, ubuyisa umfowabo olahlekile ekhaya futhi, embuyisela emuva. Futhi ngenkathi impi isiphelile, uMelkisedeki wahlangabezana naye futhi umnika isidlo. UJesu wathi, "Angisayikudla noma ngiphuze okwesithelo somvini ngize ngisiphuze nani kabusha eMbusweni kaBaba waMi." Yebo, mnumzane. Manje impi yayisiphelile, u-Abrahama wayesebuyile, isahluko 14; futhi uMnqobi wamhlangabeza, ngenkathi engena noMnqobi.

149 UGenesise 15 manje, ngaphambi kokuba sivale, ngoba yisikhathi sokuvala manje. Lalelani into eyodwa ngaphambi kokuba sihambe.

150 Futhi ngizofanele ngikuthathe lokhu kusasa ebusuku futhi, ngoba nje angifinyelelanga endabeni yami, ngifinyelela endaweni yami nokho, ku *Jehova-Jira*. Ngifuna ukufinyelela kukho ezansi lapho, uma iNkosi ithanda.

151 Manje esahlukweni 15, nginakho lapha ukuthi isivumelwano saqiniswa ku-Abrahama, ukuqiniswa kwesivumelwano. Ngamanye amazwi, kungenkathi uNkulunkulu efunga, nangenkathi uNkulunkulu enze isithembiso futhi wasiqinisa isithembiso ku-Abrahama. Esahlukweni 15, sithola ukuthi, ukuqiniswa kwesifungo uNkulunkulu asisho.

152 U-Abrahama wathi kuNkulunkulu, "Indlalifa yendlu yami kusenguye lo-Eliyeza waseDamaseku."

153 Futhi Wathi kuye, "Kodwa lowo akusiyo indlalifa yakho, ngoba yilowo ovela ezibilini zakho oyindlalifa yakho." Futhi Wamethembisa.

Wathi, "Ngizokwazi kanjani lokhu na?"

154 O, manje, bazalwane, nansi into ezonivusa! Mbhekisiseni. Wathi, "Hamba uNgitholele imbuzi yensikazi eneminyaka emithathu ubudala, isithole, esineminyaka emithathu ubudala, nenqama eneminyaka emithathu ubudala." Futhi u-Abrahama wazithatha, namahobhe amabili . . . ihobhe nejuba.

155 Manje, ihobhe nejuba linokumelwa; lezizilwane ezineminyaka emithathu ubudala, futhi kwakukhona ezintathu zazo. Manje Uzokwenza isivumelwano, aqinise isivumelwano. Manje lalelisisani, ningakugeji. Futhi khona-ke sizokucosha

kusasa ebusuku lapho Ehlangana naye lapha futhi, iNkosi ithanda. Bhekisisani.

156 Manje Wathi, "Ngithathele i—isithole esineminyaka emithathu ubudala, nembuzi yensikazi eneminyaka emithathu ubudala, nenqama eneminyaka emithathu ubudala, ijuba, nehobhe."

157 Futhi u-Abrahama wahamba wayolanda izilwane, wazinquma zaba ngohhafu futhi wazibeka, uphisi nophisi; kodwa ihobhe nejuba, akakuhlukanisanga ihobhe nejuba. Ihobhe nejuba ngumndeni ofanayo. Ngakho lokho kwakumele ukuphulukisa kukaNkulunkulu, okungukuthi kuzo zombili lezizivumelwano kungokukholwa, niyabo, ukuthi baphulukisiwe; omunye komunye nje, omunye. Uma isivumelwano esidala sasinokuphulukisa kukaNkulunkulu kuso, kukhulu kangakanani-ke Lesi esinakho! Niyabo, uma umhlatshelo omdala ubuphulukisiwe, kuthiwani ngaLona ongcono kakhudlwana! Niyabo?

158 Manje, kodwa qaphelani akwenzayo lapha. Wathatha lezizilwane ezintathu wazisika wazihlukanisa phakathi, wazibeka, uphisi nophisi. Khona-ke u-Abrahama wabuyela emuva. Manje, lowo kwakungumhlatshelo. Futhi wawubhekisisa kwaze kwayoshona ilanga. Nezinyoni ziyehla ziphuma emoyeni, emhlatshelweni ka-Abrahama, amanqe. Futhi u-Abrahama wawakhipha, wawaxosha wawasusa.

159 Lokhu kungumfanekiso wani na? INzalo ka-Abrahama ngosuku lokugcina, ikhipha amademoni eMhlatshelweni, iwakhipha eMhlatshelweni. UNkulunkulu wakwethembisa, uMhlatshelo, uKristu, onguyena izolo, namuhla, naphakade, futhi yonke leyomimoya yokungakholwa izama ukuWushwabadela. Umuntu kaNkulunkulu, iNzalo ka-Abrahama, imi lapho ikhipha amademoni, asuke kuWo! Ukuqinisa isivumelwano manje, ukuqinisekisa, kukhombisa ukuthi iNzalo ka-Abrahama ku . . . ngisho iNzalo yasebukhosini ethembekile. Khumbulani, inzalo yemvelo yehluleka, ngoba yemukela umthetho esikhundleni seZwi lomusa. Futhi kunjalo kulena "efudulayo," kwabeZizwe osukwini lokugcina. Kodwa kukhona iNzalo, inzalo yaseBukhosini eneZwi, ime ngokweqiniso, ikhipha amademoni, yenza izibonakaliso ezinkulu nezimangaliso, isusa konke ukungakholwa eZwini, igcina uMhlatshelo uhlanzekile, igcina iZwi lingcwele, iLigcina lihlonishwa; ayifaki lutho naLo, inezela noma yini kuLo; ikudedisa nje, ukuqapha, ukungavumeli lutho kuLithinte.

160 Manje qaphelani, lapho kufika ubuthongo obunzima phezu kuka-Abrahama, ukufa. Futhi emva kobuthongo obunzima, wabona isithando somlilo, okuyisihogo, sishunqa, ukuthi sonke isoni besifanele siye kuso. Kodwa ngaphambi kwalapho kuhambe ukuKhanya okumhlophe okuncane. Bukani lokho

kuKhanya okuncane okumhlophe, kwangena phakathi futhi kwahlukanisa lemihlatshelo, kwangena phakathi kwayo, uNkulunkulu enza ukuqinisa ukuthi Wayezokwenzani ngeNzalo ka-Abrahama.

161 Manje, amaJuda njalo ayekholwa ukuthi uNkulunkulu wayeMunye. Futhi uNkulunkulu Munye. Kodwa Wayekhombisa lapha, ngalemihlatshelo emithathu ehlanzekile, ukuthi ubuthathu bukaNkulunkulu buzomelwa koYedwa ebuNkulunkulwini ngokomzimba.

162 Manje qaphelani ezinsukwini zakudala—dala, ezinsukwini zangasempumalanga, uma isivumelwano senziwa, nansi indlela ababesenza ngayo. Njengokuthi, siyafika futhi sabulala isilwane, sehlukanisa isilwane kabili, futhi sama phakathi kwesilwane, futhi lapho sabhala isivumelwano. Manje eShayina . . .

163 Kanjani eJapani, uma benza isivumelwano, bathola usawoti othile futhi bayama futhi benza isithembiso sabo, futhi baphosa usawoti omunye komunye. Yileyondlela eJapani, abenza ngayo isivumelwano, baphosa usawoti. Usawoti uyiphunga, niyabona. Futhi baphosa usawoti omunye komunye, lokho yi—lokho yi—yisivumelwano.

164 Manje eMelika, sisenza kanjani isivumelwano, siyaphuma futhi sibe nokudla okulula, futhi sixhawulane, "Nginike isandla sakho, mfana. Sekuvunyelwene na?" "Sekuvunyelwene!" Leso yisivumelwano.

165 Kodwa ezikhathini zakudala, ngesikhathi sika-Abrahama, indlela ababenza ngayo isivumelwano kwakungukubulala umhlatshelo, futhi ume phakathi kwalomhlatshelo; bese kuthi-ke, lapho bekwenzile, babhale isivumelwano esiqeshini sesikhumba semvu, bese-ke beyasidabula. [UMfowethu Branham udabula isiqephu sephepha, futhi uyafanekisa—Umhl.] Omunye uthathe isiqephu esisodwa, futhi omunye uthathe esinye. Manje uma lesisivumelwano siqinisiwe futhi salethwa ndawonye, kwakungekho noyedwa ongasifanisa leso. Niyabo, kufanele kuhlangane okwesisila sejuba, iletha neletha, impela nje ngendlela okwakuyiyo. Lokho kukhombisa ukuthi umnikazi wangokomthetho walesisiqephu unengxenye, lesi yisivumelwano esifanayo, ukuthi bafanele bahlangane ndawonye futhi bahlangane okwesisila sejuba impela ngokufanayo.

166 Futhi uNkulunkulu wayekhombisa lapho ku-Abrahama, ukuthi ngeNzalo yakhe, ukuthi uNkulunkulu qobo lwaKhe uzoba yinyama bese-ke uzofanele ahlukaniswe eKalvari; lapho uKristu, enguNkulunkulu emhlabeni, Wehlukaniswa. UNkulunkulu waMdabula wamehlukanisa phakathi, iNzalo ka-Abrahama yasebukhosini, futhi wakhipha ukuPhila kuYe; futhi wavusa uMzimba, phezulu ukuba uhlale esiHlalweni

saKhe sobukhosi eZulwini; futhi wathumela emuva uMoya waKhe phezu kweBandla, ukuthi iBandla lifanele libe noMoya ofanayo—ofanayo owawukuKristu ukuwenza uhlangane, ukwenza uKristu abe nguyena izolo, namuhla, naphakade! Ukuqinisa isivumelwano, uNkulunkulu eqinisa isivumelwano. UNkulunkulu ehlukanisa, edabula ukuPhila okuvela kuKristu, iNdodana yaKhe, ekhipha uMoya kuYe; njengoba Esika lezizilwane zibe mbili, emi phakathi kwezilwane. UkuKhanya, uNkulunkulu qobo lwaKhe, ehambe phakathi kwazo, ekhombisa ukuthi Uwehlukanisile uMzimba: iNzalo, iNzalo yasebukhosini; futhi wathatha uMoya futhi waWuthumela emuva phezu kweBandla. Futhi iBandla lanamuhla elihambayo ukuyohlangana noKristu, lizofanele libe noMoya ofanayo Ayenawo, ngoba kuzofanele kube yiLetha neLetha, iZwi neZwi. Futhi UyiZwi! UJesu wathi, "Yena" (isabizwana somuntu) "okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza." Eqinisa isivumelwano, ukuPhila okukuKristu kuzoba seBandleni, iNzalo ka-Abrahama yasebukhosini.

167 Umzuzwana, bazalwane, ngePhentekoste. Ngenkathi babesekamelweni eliphezulu . . . Uma wake waba lapho futhi wabona umdwebo wangempela, indlela odwetshwe ngayo wakhishwa, bazungeza isitebhisi ngaphandle base bekhuphukela ekamelweni eliphezulu. Babenamakhandlela amancane amafutha omnqumo evutha. Babephezulu lapho izinsuku eziyishumi nobusuku, nayo yonke iminyango ivaliwe. "Futhi ngokungazelelwe kwavela eZulwini inhlokomo kwangathi eyokuvunguza komoya onamandla, Wagcwalisa yonke indlu ababehlezi kuyo. Izilimi ezahlukeneyo kungathi ezomlilo, izilimi zomlilo ezisamfologo, zahlala phezu kwalowo nalowo. Bonke bagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, bagijima baphumela egcekeni, bekhuluma ngezinye izilimi."

168 Qaphelani, kwakuyini loMlilo wemfologo na? KwakuyiNsika yoMlilo, uMoya oNgcwele, uNkulunkulu, iNgelosi eyabahola badabula ehlane, Lowo owenziwa wabonakaliswa phambi kwabo. UNkulunkulu wayeZehlukanisile futhi Wazehlukanisa phakathi kwabantu, uMoya oNgcwele, futhi ndawonye siyiBandla likaNkulunkulu ophilayo. Isivumelwano! "U-Abrahama neNzalo yakhe emva kwakhe, iNzalo yasebukhosini." Khona kanye ukuPhila okwakukuKristu, eBandleni, kwenza imisebenzi efanayo uKristu ayenza. Amen. Into emangalisa kanje pho, bangani!

169 Sekuyisikhathi nje, ngifanele ngikuvale lokhu. Yebo, ngizoba leyithi kakhulu. Ngizo . . . Kulungile uma ngizokucosha kusasa ebusuku khona lapha na? Ngifuna ukufika ku *Jehova-Jira* kabi kabi. Kodwa ngifuna ukubone lokho ukuthi kuyini, ukuthi into yokuzisho ukuthi ungumKristu, bazalwane, yisikhathi sokuthi ibandla lithole i . . . Uma uNkulunkulu enze lezizithembiso, ziyiqiniso. Zifanele zifezeke.

170 Asikhothamise amakhanda ethu okomzuzwana nje. Lokhu kunesankahlu futhi kunzima. Kuyasika. Angithandi ukwenza lokho. Lomfundisi washo kimi, wathi, "Mfowethu Branham, kungani *ukuthi-nokuthi*, wenza lokho na?"

171 Ngathi, "Anginazo izinhlelo zethelevishini ukuba ngixhaswe, umsakazo. Ngihamba kanjena nje, lapho engingaya khona noma yikuphi." Ngathi, "Ubani ozobatshela na? Kuzofanele kube nephimbo ndawondawo elikushoyo."

172 Manje uNkulunkulu ulapha, bangani. Futhi uma uzibize ngeNzalo ka-Abrahama, bese ucabanga ukuthi u... Manje unga...Lalela, ngumphefumulo wakho, mngani. Ngumphefumulo wakho. Ungathathi ishansi ngakho, ngoba kulobubusuku kungahle kube isikhathi sokugcina ukuba uthole ishansi ukukwenza. Uma unamahloni ngempilo yakho, uzibiza ngomntwana kaNkulunkulu, futhi uphila ngendlela obuphila ngayo; futhi uyakholwa ukuthi iZwi likaNkulunkulu liqinisile, futhi wena unephutha, ngifuna wena ukhuleke umzuzwana nje, ucele uNkulunkulu ahlole impilo yakho. [UMfowethu Branham uyama—Umhl.] Khuleka nje.

173 Baba waseZulwini, lobu kungahle kube ubusuku bokugcina kwabaningi bethu. Siyacabanga, ebusukwini obumbalwa obedlule eLos Angeles, owesifazane omdala oneminyaka engamashumi ayisikhombisa ubudala ehlezi lapho, futhi usukumile waya e-eltare futhi wanikela ngempilo yakhe kuKristu. Ngalobobusuku washona embhedeni. Umusa kaNkulunkulu, lelohora lokugcina. Emuva kokuphila yonke leyominyaka ngaphandle kokwazi Yena, khona-ke ubizwe ngehora lokugcina. Umusa omangalisayo.

174 Baba Nkulunkulu, khuluma ezinhliziyweni lapha kulobubusuku. Uyayazi inhloso yalokhu. Uyazi, Baba, ku—kuzofanele kufike isikhathi ukuthi okuthize kuzofanele kwenziwe. Si—siyasibona isimo, nendlela eya ngokuba yimbi kakhulu ngasosonke isikhathi. Futhi siyaqonda ukuthi unyaka webandla lePentecostal, ezinsukwini zokugcina, nguNyaka weBandla laseLawodikeya, okuyiwona kuphela lapho uKristu akhishelwa ngaphandle kwebandla, umile, engqongqotha ezama ukubuyela ngaphakathi. O Nkulunkulu, yiba nomusa.

175 Futhi njengoba ngithethisa odadewethu kulobubusuku, Nkosi, mabazi ukuthi emuva lapho ekuqaleni, lapho kuqala ngakho, kwakungu-Eva. Futhi nakhu futhi. IVangeli liyangena ngeZwi, nokuthi wakwenza kanjani lokho akwenza (futhi bukani namuhla) ngokuzindla; bukani unina, akucabangayo kwakuhlukile, iBhayibheli elifanayo.

176 Nkulunkulu, abafowethu, njengoba ngikhulumile nabo ngesankahlu, Nkosi. Ngiyashisekela, ngi—ngi—ngiyabathanda. Uyazi ngiyabathanda, Nkosi. Ngi—ngi—ngifake iminyaka engamashumi amathathu lapha ngenxa yabo, futhi Uliqinisile

iZwi laKho, nakho konke okunye. Nkosi, angazi ukuthi yini enye engifanele ngiyenze. Kepha lapho ngibona ibandla engilithandayo, ibandla lePentecostal, lelo elime ngemuva kwami futhi langesekela; Nkulunkulu, nguthando lobuKristu olukwenza Usike ububi busuke kulo. Uthando olwenza Wenze lokho, Baba. Uyazi yilo. Futhi ngizama ukutshela abantu, "Ningazami ukuphumela phandle lapho, ukwenza lezizinto." I—imigoqo yehlisiwe, futhi sichanyuseliwe ngaphandle ngezivumokholo zethu ezehlukene nezinto esizingenise ebandleni, nokusuka ezinsukwini zezimangaliso, ukusuka ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, ukusuka e—endleleni abantu abebefanele baziphathe ngayo nokugqoka.

177 Futhi Wenza isivumelwano no-Adamu, nesisodwa no-Eva; Wabeka isivumelwano esehlukile, nokwehlukile ngakho konke, futhi kwashiwo ukuthi kwakungalungile ukuba owesifazane ukuba aziphathise okwendoda. Uzoba nobufazane. Ufanele abe nobufazane hhayi ubudoda. Futhi namhlanje uzama ukuba nobudoda; indoda, ubufazane.

178 Nkosi, na—nakulokhu khona lapha ezinsukwini zokugcina, khona lapha oGwini lwaseNtshonalanga, khona lapha ekupheleni kwempucuko, sithola abesifazane benza khona kanye ukonakala njengoba bakwenza ekuqaleni. Futhi nakhu, kungene phakathi kodadewethu. O Nkulunkulu, ukuthi nje lokho kwephula inhliziyo yami, Nkosi. Futhi ngiyazi uma kwenza mina (isoni) ngizizwe ngaleyondlela, kwenzani kuWe, ukubona ukuthi lokho kuba kanjani unkulunkulukazi. Nalobubukhazikhazi obumangalisayo baseHollywood besono! Futhi kwakuvamise ukuba kube kokungalungile ukuba bona baye emibukisweni yezithombe, khona-ke udeveli wakuphosa ngqo endlini yabo, na—nalolonke uhlobo lwezinhlelo ezingahlungiwe, nenhlamba emgwaqweni.

179 Futhi, O Nkulunkulu, yisi—yisikhathi sokuhlanya. Yisikhathi sokuguliswa yimizwa. Yisi—yisikhathi lapho umuntu engeke ame futhi alalele, futhi ahlole. Futhi ngaphansi kwamadlingozi, nokunye nokunye, basazisho ukuthi bayiNzalo ka-Abrahama. Nkulunkulu, Washo ukuthi kuyobanjalo, imimoya iyosondelana kakhulu ezinsuku zokugcina, nokuzifanisa, kuze kucishe kukhohlise abaKhethiweyo, uma bekungenzeka. Futhi nakhu. Nkulunkulu, ungavumeli lababantu, ungavumeli noyedwa enze lokho. Ngiyacela, Baba. Ngiyabakhulekela, ngamunye. EGameni leNkosi uJesu, siphe khona.

180 Manje sisakhothamise amakhanda ethu. Ngiyonenzela noma yini. Futhi uma ngiklabalasela abantu ukuba nje ngibe nesihluku, uNkulunkulu akasoze abenami; Angikufanele ukuba lapha, ngifanele ukuba ngaphandle laphaya kwenye indawo ngigawula izinkuni noma okuthize. Kodwa, bangani, lokho—lokho kuyiqiniso, kuhloleni futhi nibone uma kungesiwo

umBhalo. Futhi bekufanele kwembulwe kuloku usuku lokugcina.

181 Manje ngabe niqotho ngokwanele na? Ngabe ngempela, ezansi ngaphansi kwaloloqweqwe lwangaphandle, ngabe kukhona okuthile okwangoqobo ngempela ngawe, ukuthi uzimisele ukuvuma ukuthi unephutha na? Ngenkathi onke amakhanda esakhotheme, yonke inhliziyo, nokuzinikela okujulile okunesizotha, ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham. Nginephutha. Ngomusa kaNkulunkulu ngizokulungisa"? UNkulunkulu akubusise, wena, wena, wena. Kunjalo, phakamisa isandla sakho, Uyasibona. Kovulande abasesitezi, uNkulunkulu uyakubona. Phakamisani izandla zenu. Ngabe ni—ni . . . Yilokho-ke.

182 Manje *lapha* ngomunye wenu besifazane abahlezi lapha abanezinwele ezimfishane, futhi anisiphakamisile isandla senu. Yini indaba ngani na? Ninephutha! Ningazami ukuhlangana noNkulunkulu kanjalo. Nizolahlwa ngokuqinisekile njengoba ngimi kulelipulpiti. Niqonde ukuthi ibandla lePentecostal selingene esimweni esinjalo ukuthi seli—seli—selibe nonya kakhulu selize laba namahloni ukuvuma ukuthi linephutha na? Ningakwenzi lokho. UNkulunkulu abe nomusa kini.

183 Ngiyakholwa. Yibani nokukholwa. Angilinde futhi. UNkulunkulu akubusise laphaya, s'thandwa. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Lokho kuhle. Phakamisa . . . Lokho . . . UNkulunkulu akubusise. Kunjalo. Ungahle ukuvume manje; ekuseni kungenzeka ukuthi isikhathi sesedlule kakhulu, ihora ukusuka manje kungahle ukuba isikhathi sesedlule kakhulu. UNkulunkulu akubusise. Lobo ubuqotho. UNkulunkulu akubusise. Uthi, "Nginephutha." Kuthatha umuntu wangempela ukuvuma ukuthi banephutha. Leyo yinto yangoqobo. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise. Kulungile. Yebo, qhubekani nikhuleke. UNkulunkulu akubusise. Uma ngigeja ukubona isandla sakho, Akageji. Uyayazi yonke imicabango esengqondweni yakho. Kunjalo impela. UNkulunkulu akubusise, ngiyasibona isandla sakho. Lokho kuhle. UNkulunkulu akubusise, ntombi. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Lokho kuhle.

184 UNkulunkulu akubusise lapho, ntombi. Yebo, ijika lemigwaqo yempilo. Ngaphambi kokuba lezizinto ezindala zenze unya enhliziyweni yakho esentsha, phendukela kuNkulunkulu manje, s'thandwa. Kunjalo, kwenze. Nginendodakazi encane laphaya ecishe ibe nguntanga yakho. UNkulunkulu akubusise, s'thandwa. UNkulunkulu akubusise. Yebo, uNkulunkulu akubusise, dadewethu.

185 Kuthiwani ngawe, mfowethu na? Ngiyakudabukela wena, ovumela umkakho aziphathe kanjalo futhi agqoke izikhindi,

futhi agqoke kanjalo futhi angene emgwaqweni. Uzibiza ngendodana kaNkulunkulu na? Awunamahloni ngawe na? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise. Kunjalo, vuma ukuthi unephutha. Ya. Uma u . . .

186 "Ofihla isono sakhe akayikuphumelela; ovuma isono sakhe uyakuthola umusa." UNkulunkulu akubusise. Omunye na? Emuva kuvulandi osesitezi, phezulu lapho kuvulandi osesitezi. Uyakubona phezulu lapho. Wazi wonke umcabango osenhliziyweni yakho.

Manje phakamisani amakhanda enu umzuzu nje.

187 Ngithi kukhona abanye abangamashumi amahlanu noma amashumi ayisithupha kuleligumbi abaphakamise izandla zabo, abancane nabadala. Ngiyabonga. Lelo yinenekazi langempela nomnumzane ohloniphekile. Ngiyanithakasela. Kukhona i— kukhona amathemba enu uma nithanda ukuvuma ukuthi ninephutha.

188 Ngaphambi kokuba ngenze ukubizela e-altare, ngizokhulekela lamaduku.

189 Baba waseZulwini, lamaduku amele abantu abagulayo, omama nobaba abalindile, abantwana. Ngesinye isikhathi, siyafundiswa eBhayibhelini, ukuthi bathatha emzimbeni kaPawulu oNgcwele amaduku nezindwangu. Abantu bambona, bazi ukuthi uMoya kaNkulunkulu wawukuye. UPawulu wakhumbula ukuthi u-Elisha watshela owesifazane waseShunemi, watshela uGehazi, "Thatha loludondolo bese uhamba ulubeke phezu komntwana." Wayazi ukuthi akuthintayo kubusisiwe. UPawulu, bathatha emzimbeni wakhe amaduku nezindwangu, nemimoya engcolile yaphuma kubantu, izifo zasuka. Manje, Nkosi, asisuye uPawulu oNgcwele, kodwa Usenguye uNkulunkulu, uNkulunkulu ofanayo.

190 Ngelinye ilanga u-Israyeli wayesendleleni yakhe ngqo esemgqeni womsebenzi, eya ezweni lesithembiso. Futhi into ethize yakunqamula ukusuka ezweni elethenjisiwe, uLwandle oluBomvu. Omunye umbhali wathi, "UNkulunkulu wabuka phansi ngaleyoNsika yoMlilo, ngamehlo athukuthele, nolwandle lwesaba, lwagingqela emuva izindonga zalo futhi lwavula indlela eyomile yokuba u-Israyeli awelele ngaphesheya ezweni lesithembiso."

191 Nkulunkulu, lapho lamaduku eyiswa kwabagulayo nabahluphekile, kwangathi uNkulunkulu waseZulwini angabuka phansi ngeGazi leNdodana yaKhe uQobo, kwangathi udeveli, obambe labobantu abagulayo, angesaba futhi asuke lapho lamaduku ezimpawu zalomhlangano kulobubusuku, lapho iZwi neQiniso sekufezekisiwe; abagulayo nabahluphekileyo bephilisiwe; izinhliziyo eziphukile, futhi zehlela ezansi eNdlini yoMbumbi emizuzwini embalwa;

siphe ukuthi udeveli uzohamba, futhi abantu bazowelela ngaphesheya kulelozwe lempilo enhle uNkulunkulu abethembisa lona. Ngithumela lamaduku, eGameni likaJesu Kristu, ngaleyonjongo. Amen.

192 Futhi uNkulunkulu uyayazi inhliziyo yakho. Uyasazi isimo sakho. Ukukhombisa nje; futhi ake nginitshele, kunesixuku esikhulu sabantu phakathi lapha esingaziphakamisanga isandla sabo, abebefanele ngabe basiphakamisile. Manje, uma nginibizela ngqo kulomsamo, ngisho ukuthi beningobani, kuzolimaza imizwa yomuny'umuntu. Manje, ningibonile ngikwenza lokho kaningi. Ngitholile ukuthi, uJesu wathi, "Ukhula nokolo makukhule ndawonye. Izingelosi zizofika bese zibopha ukhula futhi zilushise, kuqala."

193 Futhi yisikhathi sokubopha manje. Bonke bangena kumfelandawonye wamabandla, onke amahlelo. Kunjalo. Kunjalo. INhlangano yamaZwe, uMkhandlu wamaBandla, lonke ihlelo lidonsela phakathi ngqo, into enkulu iqhubeka. Onke abuyela eRoma njengoba nje bethembisa, "umfanekiso kuso isilo," amandla, umfelandawonye wamabandla, khona ncamashi uNkulunkulu athi kuyokwenzeka. Nakho lapho bekhona, bekudedela uhambe, futhi bekutshela ukuthi kulungile ukwenza *lokhu*, futhi bayesaba ukusho noma yini ngakho, besaba ukuthi izokwephula ithikithi lokudla endaweni ethile.

194 Ake nginitshele okuthize, mfowethu, dadewethu, uNkulunkulu akembule kini ukuthi ngiyanithanda. Akusikhona ukwehluka; kungukwethembeka. Ungathathi ishansi eyodwa. Ubungeke ugijime elambini elibomvu, ngenxa yomzimba wakho. Kuthiwani ngomphefumulo wakho na? Ungaleqi elilodwa lamalambu abomvu kaNkulunkulu.

195 Abanye benu uyagula. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Omunye ushisekele into ethize, yiba nokukholwa nje. Ngizokukhombisa noma ngabe ngempela Yena, noma ngabe kuliQiniso noma qhabo. U-Abrahama, niyakhumbula ukuthi iNgelosi ifika kuye nokuthi Yenzani na? Bonani uma kuyinto efanayo.

196 Nanti inenekazi elincane lihlezi khona lapha, khona phandle lapha, linomdlavuza. Linesikhwama esinobomvu, futhi belisenhla ukuyohlinzwa. Liyangibuka manje, nalobo buhlalu obubomvu entanyeni yalo. Uvela ePortland. Kodwa uma uzo. . . Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kunjalo. Niyabo? Angikwazi, siyizihambi. Kodwa lelo yiqiniso. Manje ungahlala kanjani lapho, nokukholwa okwanele ukuthinta ingubo kaKristu lapho leyoNgelosi yokuKhanya iza phezu kwakho kanjalo, umusa kaNkulunkulu na? YeMukele, nenekazi. Ikholwe. Hhayi lokho kuphela, kodwa kholwa lonke iVangeli.

197 Lapha kuhlezi owesifazane uhlezi ngemuva ngqo lapha. Buka lapha, nenekazi. Uphethwe yinkathazo yenanzi. Kholwa

ngayo yonke inhliziyo yakho. Yebo, uyisihambi kimi. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi usinde.

198 Kunendoda ehlezi ngakuwe, izofanele iye ekhaya. Angeke ihlale isikhathi eside kakhulu. Inenkathazo yezindlebe zayo. Inenkathazo nge . . . Ibinomkhuhlane, futhi ubangele ukukhwehlela. Ayikwazi ukudlula kuwo, u—uhlobo lwe—inqwaba yezifo ezilakanyanayo ziyangena. Kunjalo, mnumzane. Usebenza ohlobweni oluthile lomshini ofana nomcibisholo ojikijelwayo noma into enjalo. Uzofanele ubuyele emsebenzini wakho. Ngiyisihambi kuwe. Uma lezozinto ziyiqiniso, phakamisa isandla sakho. Kulungile. Uma unokukholwa okwanele ukuthinta iNkosi uJesu, kungani ungabi njengendoda yangempela futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho na?

199 Kunenekazi elihlezi emuva lapho, linohlobo oluthile lwesifo sesikhumba ezandleni zalo. Alazi ngisho ukuthi yini. Udokotela akazi ngisho ukuthi kuyini. Selibe nakho iminyaka neminyaka. O, lizokugeja, ngokuqinisekile nje njengezwe. Nkosazana Daniels, McDaniels. Nakho lapho okhona. Ida McDaniels, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Angimazi owesifazane, angikaze ngimbone. Kodwa nakho ukuKhanya kuphezu kwakhe.

200 KuYini na? Uyakwazi! Futhi Uyazi ukuthi unephutha! UNkulunkulu ofanayo okhuluma ngami ngalendlela, ukhuluma ngami ngeZwi.

201 Manje, wonke umuntu olapha obuqondayo uBukhona bukaNkulunkulu, futhi owaziyo ukuthi ubunephutha, asize e-altare manje. Yenyukelani lapha umzuzu nje, anginikhulekele. Uma wazi ukuthi ubunephutha, futhi ufuna ukuvuma ukuthi unephutha. Ufuna ukuba ngumKristu wangempela kusukela manje kuqhubeke, yenyukela lapha ngase-altare. Angifuni nje ukubiza igama lakho, bekungeke ku—kufane nobuKristu. Phezulu lapho kuvulandi osesitezi, woza wehle, leli yithuba lakho. Yehla manje! Woza e-altare, uthi, "Ngiyeza, Nkosi." Soni, yenza indlela yakho eya e-altare, leli kungahle kube yithuba lakho lokugcina. Ungeze manje ngenkathi sisa . . . i-ogani idlala kamnandi, "Ngiyeza Nkosi, ngiyeza manje kuWe." Kulungile, wonke umuntu akacule manje.

> Ngiyeza, Nkosi!
> Ngiyeza manje kuWe!

202 Ningeze na? Yehlani niphume kuvulandi osesitezi, yehlani. Yenyukani. Kuthiwani ngani, nina bantu enizisho ukuthi ningamaKristu, iNzalo ka-Abrahama na? UNkulunkulu anibusise, sifazane. UNkulunkulu anibusise, bodadewethu. Yebo. UNkulunkulu ngempela uzokuhlonipha. Uthembekile. Mhlawumbe umelusi wakho wehlulekile ukukutshela lokho. Hamba uye ekhaya futhi uthole iBhayibheli lakho, futhi uthole ukuthi ngabe kulungile yini, noma qhabo. Uyazi

ukuthi kulungile, ngaphambi kokuthi ngisho noma yini. Nina besifazane bePentecostal, beningeke nizipende ubuso nenzele noma yini. Akukho lutho eBhayibhelini mayelana nokuzipenda ubuso; kuphela uJezebeli, walungisa ubuso bakhe nezinto, ngopende nezinto. Kodwa kukhona eBhayibhelini mayelana nokuba nezinwele ezinde, "Kuyinto engavamile ukuba owesifazane ukuba ngisho akhuleke nekhanda lakhe liphunguliwe, agunde izinwele."

. . . kuWe!

203 Nifuna ukulungisana noNkulunkulu, eBukhoneni ngenkathi Eselapha na? Woza! Sukuma, Mmele! Yima ngezinyawo zakho bese uyehla, uthi, "Ngiyeza. Ngi—ngizokwenza ukukhombisa. Ngifuna izwe lonke lazi ukuthi nginephutha, futhi ngifuna ukuba ngolungile ngaphambi kukaNkulunkulu." Wozani manje!

Ngiyeza, Nkosi!
Ngiyeza manje kuWe!
Ngigeze, ngihlanze eGazini
Elagobhoza eKalvari.

Futhi, wonke umuntu!

Mina ngiza . . .

Woza. Kunokuningi phandle laphaya, khumbulani. Yebo, kunjalo.

. . . mina, ngihlanze eGazini laKho
Elagobhoza eKalvari.

204 Kusekhona abantu abezayo, qhubekani nje nikhuleke. Manje, bangani, angisuye kakhulu ukuba ngivumise. Ngikholwa ukuthi iZwi lenza umsebenzi waLo uma Liphumela lapho. Ningamdabukisi uMoya oNgcwele. Kungahle kube yithuba lokugcina ozoke ube nalo; ngiyethemba akusilo. Uyazi ukuthi kwenzani ukukubona lapho uvuma ukuthi unephutha na? Kuyasho kimi ukuthi kukhona okuthile okwangempela lapho, ukuthi ngempela ufuna ukwenza okulungile. Manje nge-ogani nje, kancane uma uthanda, ngenkathi ngisakhuluma. Wozani, bantu, wozani nje ngqo. Ngifuna nibe nilokhu niza. Niyazi ukuthi lababantu wenzeni na? Amaningi alawa ngamalungu ebandla aqashiwe, futhi ayazi ukuthi ngilikhulumile iQiniso.

205 Hhayi *mina*. NjengoMose nje ngenkathi ehlela ezansi lapho ukutshela abantu ngeNkosi; futhi iNkosi, ngaphansi kwaleyoNsika yoMlilo, yaqinisa iZwi futhi yakhombisa ukuthi Laliqinisile. Leyo Nsika yoMlilo efanayo ikhona lapha kanye nathi. NguKristu ofanayo, enza into efanayo onyakeni wabeZizwe, njengoba Ethembisa ukukwenza.

206 Yini engenza ngikukholwe na? Ungowoqobo enhliziyweni yakho. Yini ekwenze wasukuma ngezinyawo zakho na? Ngoba Okuthile bekukuzungezile, okuthe, "Unephutha." Manje lowo bekunguNkulunkulu, ngoba abanye benu bazizwa

bephoxekile ukuma lapha kanjalo ngaphambi kwabantu, emuva kokuvuma. Kodwa kukhombisa ukuthi leNto yangoqobo Ethe, "Unephutha," futhi Iza neZwi, ngokwahlukanisa. Nge . . .

207 Zithunyelelwe ini leziziphiwo ebandleni na? Siyini isipho sokuqala na? Yini into yokuqala na? Abaphostoli (oyisithunywa senkolo), abaprofethi, abafundisi, abelusi, abavangeli. Zonke ndawonye ezokuphelelisa iBandla.

208 Futhi iZwi leNkosi liza kuphi, kubani na? IZwi leNkosi lafika kumprofethi, njalo, alikaze libuzwe. Hhayi isiphiwo sokuprofetha; isiphiwo sokuprofetha sikwesinye, bese-ke kuba esinye. Umprofethi uyazalwa, umiselwe ngaphambili nguNkulunkulu. UJesu Kristu wayeyiNdodana kaNkulunkulu, iNdodana kaNkulunkulu emiselwe ngaphambili. U-Isaya watshela uJohane, uJohane uMbhaphathizi, iminyaka engamakhulu ayisikhombisa neshumi nambili ngaphambi kokuba azalwe, waye "yizwi lalowo omemeza ehlane." UNkulunkulu watshela uJeremiya, "Ungakabunjwa esizwaleni sikanyoko, ngakwazi futhi ngakungcwelisa, futhi ngakugcoba ukuba ube ngumprofethi wezizwe." Futhi uma ubona abaprofethi beqhamuka, ukwahlulela sekusondele.

209 Manje, "Ukwahlulela kuqala eNdlini kaNkulunkulu, nabantu bakaNkulunkulu." Manje sinephutha! Senze iphutha. Futhi ngiyakholwa ukuthi bona behlezi lapha kulobubusuku, leyo yiNzalo ka-Abrahama futhi emiselwe ngaphambili ngempela ekuKhanyeni kukaNkulunkulu ukukhanyisa phezu kwayo; uma ukuKhanya kuyishaya, izoma. Kukhona okuthize okumele kwenzeke, nilapho! Manje nilapha, asikhothamise amakhanda ethu futhi sivume iphutha lethu.

210 Mngani oyisoni, uma umile kuleliqembu lapha, okungukuthi kukhona abanye, ngiyakudabukela; kodwa izibusiso kuwe manje, ukwemukele, wakukholwa ngenhliziyo yakho yonke.

211 Nina maKristu, nina besifazane owaziyo, ngiyakholwa ningabesifazane abalungile. UNkulunkulu anibusise. Ngiyakukholwa lokho. UNkulunkulu angawuzwakalisa umuzwa wenhliziyo yami kini. Angifuni ukuba nesihluku kuwe, dadewethu; nginonkosikazi, nami, namantombazane amabili—amabili asemancane. Ngiyakuthanda njengodadewethu.

212 Futhi, mfowethu, bengingafuni ukulimaza imizwa yakho, kodwa kwesinye isikhathi ukushukunyiswa okuncane ngeZwi kuyakusiza.

213 Manje, uma sinephutha, asisho ukuthi sinephutha. Futhi kukhona—kukhona umusa, ochichimayo, wethu kulobubusuku. "Ozovuma amaphutha akhe, kukhona umusa wakhe. Ozofihla isono sakhe, akasoze aphumelela." Siyini isono sakho na? Ukungakholwa kwakho. Uma ukufihla ngaphansi, uthi, "Awu, ngilunge nje njengabo bonke abanye." Unephutha. Futhi awusoze waqhubekela phambili kunoma uhamba manje.

Uzohlala ungaleyondlela, awusoze wadlulela phambili uze weqe lesosithiyo futhi ukulungise. Khumbula, angeke ukwenze; uzofanele uhambe phezu kweZwi likaNkulunkulu.

214 Futhi inqobo nje uma uphila, uzohlala ukukhumbula lokhu. Usuku olude kunazo zonke oluphilile, uzolukhumbula kulobubusuku. Khumbulani, ngiyanitshela ISHO KANJE INKOSI! Bengihleli emahlathini kulentambama, ngikhuleka, Ukhulume kimi ngalokhu lapha, uthe, "Kusho futhi ukubize, futhi Ngizokwenzela okuthile." Futhi nakhu.

Manje asikhuleke.

215 Baba waseZulwini, ngenhlonipho yokuzithoba nangobuqotho kumi izoni kulezizethameli njengamanje. Basukumile esihlalweni sabo futhi bakhuphukela lapha, ukwenza nje ukuvuma. Kukhona amaKristu ezile, enza ukuvuma kwawo.

216 Nampa odadewethu abancane abayigugu ukuthi ukuKhanya kubaneke kwanqamula kubo, phansi le enhliziyweni yabo bayazi ukuthi bebenephutha, bayazi ukuthi iBhayibheli lifundisa lezozinto, futhi bayavuma manje ukukuyeka konke.

217 Lapha ngabafowethu abami lapha, abafowethu abayigugu, amadodana kaNkulunkulu ophilayo, wona, ngesivumokholo nezimo ezisivivi, abebezulazula ezweni. Bayabuya kulobubusuku, Baba. Bayabuya. Ba, nampa lapha.

218 Manje, Baba, siyaqonda ukuthi ngenkathi bema ngezinyawo zabo, baphulile; bonke ososayensi, bayasho ukuthi angeke ukhuphukele phezulu, ucindezelwe phansi. Kodwa ngenkathi bephakamise izandla zabo futhi bahamba ngalendlela, bafakazisile ukuthi bekukhona uMoya phakathi kubo ozokwenza isinqumo. Basenzele uKristu.

219 Jesu, nanka amaZwi aKho uQobo, futhi ngizobacaphunela nje bona kuWe.

220 Ngikunika lababantu kulobubusuku, njengenceku yaKho. Ngenzile njengoba nje Ungitshelile ukuba ngenze, namhlanje emahlathini, futhi nakhu impela nje Okushilo ukuthi kuzokwenzeka. Futhi kukhona ofakazi balezozinto, bamile lapha. Ukufakazisa uBukhona baKho—baKho, Uhambile wanqamula kwizethameli, utshela abantu ukuthi bebengobani nokuthi kuphi . . . bakwenzile, nokunye nokunye, ukwazi abantu, amagama, nokuthi bebengobani nokuthi benzeni, yini engalungile.

221 Futhi manje Ushilo eZwini laKho, ukuthi, "OyoNgivuma phambi kwabantu, yena Ngiyomvuma phambi kukaBaba waMi neziNgelosi ezingcwele. Onamahloni ngaMi phambi kwabantu, Ngiyoba namahloni ngaye phambi kukaBaba waMi neziNgelosi ezingcwele." Manje labodadewethu nalaba bafowethu bamile kulobubusuku ebukhoneni bamalungu abo nabelusi babo,

nabathandekayo babo, ukusho ukuthi—ukuthi abanamahloni ngaWe, kodwa banamahloni ngendlela abenze ngayo. Manje ngineqiniso, Nkosi, ukuthi Uyabathethelela. Wakwethembisa. Wathi, "Oyovuma izono zakhe, unomusa." Futhi bayakuvuma, futhi bazoba nomusa. Futhi Wena Ongaphulukisa abagulayo, futhi uthi, "Akulula yini ukuthi, 'Izono zakho uthethelelwe zona,' njengokuthi 'Thabatha uhlaka lwakho uhambe'?"

222 Ngiyazibiza lezi. Ngi—ngibabiza bonke, Nkosi. Ngizamile ukuKumela yonke leminyaka, neZwi laKho. Futhi baKumele kulobubusuku, futhi ngiyababiza. Ngiyabakhipha emihlathini yezwe, futhi ngibethula kuWe, Nkosi Jesu. Bayimiklomelo yoMlayezo kulobubusuku, yeZwi likaNkulunkulu. Bagcine, Nkulunkulu Somandla, ngaphansi kwaMandla aKho aNgcwele. Kwangathi bangakhula, kwangathi ukuKhanya kukaNkulunkulu kungabaneka phezulu empilweni yabo. Kwangathi labo besilisa nabesifazane, Nkosi, bangaqala ukukhula emandleni nasemandleni okuqina kaMoya oNgcwele. Kwangathi into ethize ingenzeka ezoguqula amabandla abo onke na—nabobonke omakhelwane lapho abakhona. Siphe khona, Nkosi. Ngibanika Wena, bangabaKho. Ba—bayimiklomelo yomhlangano kulobubusuku, yeZwi elishunyayeliwe. Ngibiza ukuphila kwabo, eGameni likaJesu Kristu. Ngifuna ukuhlangana nabo ngakolunye uhlangothi, lapho bengasayikufa, babuyela emuva ebunsizweni nasebuntombini futhi, futhi babe basha futhi bathandeke kuze kube phakade. BangabaKho, Baba. Bayimiklomelo uNkulunkulu awuniké iNdodana yaKhe, uKristu Jesu, ngamandla oBukhona baKhe neZwi likaNkulunkulu. BangabaKho, Baba. Ngibanika Wena, eGameni likaJesu Kristu; futhi ngibiza konke ukuphila, konke ukuphila okumi lapha. Konke ukuvuma kuyamukelwa, sonke isono sithethelelwe.

223 Futhi wonke umuntu omi lapha, ngi—ngi—ngikhulekela amandla okuqina kaMoya oNgcwele kubo, ukuba wenze, ukwenza lokho okulungile, ukubasiza kulelihora elimnyama lapho izwe ligcwele ubukhazikhazi. Futhi, O Nkulunkulu, ngisize kusasa ebusuku, uku—ukukuletha kuhlanzekile futhi kucacile kubo, Nkosi; futhi basikeke basuke ebukhazikhazini balelizwe, ukuthi bangahle balungele ukuhlangana noKristu esikhathini sokuFika kwaKhe. Siphe khona, Baba. SiyaKukholwa manje.

Futhi sisakhothamise amakhanda ethu.

224 Ngamunye wenu nina enimile ngezinyawo zenu, angikholwa ukuthi nize ngenxa yosikisiki, ngoba nize ngaphansi kokumahhadlahhadla, ukushunyayelwa kweVangeli, okusikayo. Kodwa niyakholwa ukuthi uJesu washo ukuthi, "Akekho umuntu ongeza kiMi ngaphandle kokuba uBaba waMi amdonse, nakho konke uBaba aNginike khona kuyoza." Manje lelo yiZwi likaNkulunkulu eliqinisiwe. Watshela u-

Abrahama, Wethembisa futhi wafunga esifungweni, futhi lapha nilizwile iPhimbo likaNkulunkulu kulobubusuku futhi lifika phezu kwalezozisekelo. Nifanele nithethelelwe! Futhi nonke lemukeleni futhi nikholwe ukuthi uNkulunkulu uyanithethelela ngokweduka kwenu, futhi kusukela kulobubusuku kuqhubeke, ngomusa kaNkulunkulu, nizophilela Yena konke ukuphila kwenu, futhi nenze konke lokho leli Bhayibheli elikufundisayo ukuba nikwenze, futhi niyakholwa ukuthi uNkulunkulu ukunika umusa ukukwenza manje, ngokunithethelela ngemuva lenu; phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngiyakukholwa ngayo yonke inhliziyo yami." UNkulunkulu anibusise.

225 Nonke nina maKristu phandle lapho eniziqhenyayo ngabo, thanini, "Akabongwe uNkulunkulu, ngabo!" [Ibandla lithi, "Akabongwe uNkulunkulu, ngabo!"—Umhl.] Asikusho futhi. Akabongwe uNkulunkulu, ngabo! ["Akabongwe uNkulunkulu, ngabo!"]

Manje asimeni ngezinyawo zethu, wonke umuntu. Ngifuna indlela ye:

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
EKalvari.

226 Asicule sonke kanyekanye manje, wonke umuntu akacule izandla zethu ziphakeme. Kulungile.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

227 Anizizwa ngempela nikolojiwe na? IZwi alithi ukuba nohlobo lokukukhuhla futhi likwenze uzizwe ungcono na? Alikwenzi na?

228 Aningikholwa ukuthi ngingu—ngu—ngingumkhohlisi, niyangikholwa na? Niyangikholwa ukuthi ngiQinisile na? [Ibandla lithi, "Amen!"—Umhl.]

229 Ngiyabheka njengamanje leyoNgelosi yeNkosi ebengiYibuka phezu kwabantu, isishaye indingilizi ngqo ngokuzungeza phezu kwaleliqembu elimi khona lapha esimweni sesiphambano. UNkulunkulu oseZulwini! Isithombe esifanayo nina . . . Ingelosi eniyibona kulesosithombe, ikhona lapha manje phezu kwaleliqembu labantu, izungeza nje, ngilokhu ngiYibuka nje, isuka endaweni iye endaweni. Ngiyakholwa, ngisho, ukuthi konke ukugula okumi kulesosixuku sekuhambile. Ngi—ngiyakukholwa ngenhliziyo yami yonke, ukuthi sonke isono sithethelelwe.

230 Nje asi—asixhawulane nje sisacula "Ng'yaMthanda." "Ngi . . ." Uthi, "Ayibongwe iNkosi!" [Ibandla lithi, "Ayibongwe iNkosi!"—Umhl.]

. . . Mthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

231 Manje asiMdumise nje, sithi, "Ayibongwe iNkosi! NgiyaKubonga, Nkosi uJesu." SiyaKubonga, Nkosi, ngokungenisa abantu, ngenxa yeZwi laKho. Libukhali njengenkemba esika nhlangothi zombili, kodwa Lahlulela imicabango yenhliziyo. Liyaqinisekisa. Lisoka izwe, inyama, izinto zezwe zisuke kubantu, futhi libenza izidalwa ezintsha kuKristu. SiKubonga kanjani, Baba! SiyaKudumisa ngenhliziyo yethu yonke. SiyaKubonga ngabo, Nkosi. Kwangathi bangagcwaliswa ngoMoya! Kwangathi uMoya oNgcwele ungabathatha ubangenise ekulawuleni kwaKhe, futhi kwangathi bekungabhoboka imvuselelo eyimfeshini endala phakathi kwalamabandla, Nkosi, ezoshanela konke ikukhiphe emiphakathini, yonke indawo ngomlilo ngamandla kaNkulunkulu. Sithumele ipentekoste yangempela, Nkosi, amandla angempela kaMoya emuva ezimpilweni zabantu. Siphe khona, Baba.

232 BangabaKho. Ngomusa kaNkulunkulu, bangabaKho. BayiNzalo ka-Abrahama, ngokwesithembiso. Siphe khona, Nkosi. Bayalikholwa iZwi laKho; noma yini ephambene, ngokungathi yayingekho. Bayalikholwa iZwi ngoba bayiNzalo ka-Abrahama. BangabaKho, Baba, iBandla elimiselwe ngaphambili ukuba likhanye osukwini lokugcina. NgiyaKubonga, Baba, ngabo.

Ng'yaMthanda . . .

Phakamisani izandla zenu manje ekuMdumiseni. "Ngi . . ." Phezulu kovulandi abasesitezi! Kunjalo.

Ngoba Wangithanda kuqala futhi . . .

